

ISIFO SOKUKHOHLWA SOKOMOYA



Manje ngiyakholwa, manje ng'yakholwa,
Konke kungenzeka, manje ng'yakholwa;
Manje ng'yakholwa, manje ng'yakholwa,
Konke kungenzeka, manje ng'yakholwa.

² Asibe silokhu simile umzuzwana nje manje senzele iZwi leNkosi. Asiphenye kuArose, umprofethi uArose, isahluko 3, siqale ngevesi 1.

³ Ngifuna ukubonga uDadewethu Juanita noAnna Jeanne noDadewethu Moore, ngalelokhorsi elimnandi lamaculo. Lingibuyisile, ngisahlezi laphaya futhi ngalilalela. Bengicabanga, ngenkathi babenathi, becula emkhankasweni, uMfowethu Jack nami sasixoxa, lawomantombazane ayesengamantombazanyana, eneshumini nesithupha nje, into efana naleyo, intombazane. Manje, ngiyacabanga, uDadewethu Anna Jeanne unabantwana abahlanu, noDadewethu Juanita una—una... unina wabantwana ababili. Futhi sesisondele kakhulu ngempela kulokho kushona kwelanga, besifazane, kunoma sasinjalo ngaleyonkathi, cishe iminyaka eyishumi nesithupha umehluko. Akusezokuba kude, sizowelela ngaphesheya, lesosikhathi senkazimulo.

⁴ Manje kuArose isahluko 3, asifunde.

Yizwanini lelizwi iNkosi elikhulumile ngani, O bantwana bakwaIsrayeli, ngawo wonke umndeni engawukhipha... seGibhithe, ngokuthi,

Nginazile nina kuphela... mindenini yonke yomhlaba: ngalokho ngiyakunihambela ngabo... ububi benu.

Kuhamba ababili kanyekanye, uma begavumelananga na?

Ingonyama yobhodla ehlathini, ingenampango na? Ibhongo lengonyama liyozwakalisa iphimbo lalo emphandwini walo, uma lingabambanga lutho na?

Inyoni ingawela ogibeni emhlabathini, ingenasihibe na? umuntu wosusa ugibe emhlabathini, engabambanga lutho kulo na?

Kungabethwa icilongo emzini, futhi bangesabi abantu na? umuzi ungehlelwa ngokubi, ingakwenzanga iNkosi na?

Ngokuba iNkosi... ayiyikwenza lutho, ingayambulanga izimfihlakalo yayo ezincekwini zayo abaprofethi.

*Ingonyama ibhongile ngubani ongayikwesaba na?
iNkosi. . . ikhulumile, ngubani ongayikuprofetha na?*

Asikhothamise amakhanda ethu.

⁵ Nkosi Jesu, kwangathi, leli, iZwi laKho, Nkosi, kwangathi singaba nenhlanganyelo kulobubusuku ngakulengxenywe. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosipha ingqikithi yendikimba, esizoyithatha lapha, futhi kwangathi ingaletha udumo kuWe. Sibusise njengoba silindile, Nkosi, kulobubusuku, phezu kweZwi laKho. Philisa abagulayo nabahluphekileyo. Sindisa abalahlekile. Qinisa ababuthakathaka, Nkosi, abaphela amandla, kokubili ngokomzimba nangokomoya. Futhi siphe ukuthululwa okukhulu koBukhona baKho, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

⁶ Ngifisa ukuthatha okwendikimba, kulokhu, kulobubusuku: *Isifo sokukhohlwa Sokomoya.*

⁷ Ningakhohlwa, kusasa, ngumkhuleko wabagulayo kusasa. Sibheke iNkosi ukuba yenze izinto ezinkulu ngokwedlulele, kusasa ntambama ngelesibili nqo, lapho esi. . . uma sesiqala izinkonzo zethu. Umfana uzoba lapha ukunikezela amakhadi omkhuleko. Nawo wonke umuntu uzokhulekelwa ofuna ukukhulekelwa. Futhi sibheke isikhathi esikhulu, kusasa, eNkosini.

⁸ Manje ninabantu nilapha, nivakasha nivela ngaphandle kwedolobha elincane. Khumbulani, kunamahle, amabandla agcwele iVangeli kulolonke idolobha. Nemukelekile kubo bonke.

⁹ Bengikhuluma nje komunye wabelusi esibambisene nabo, ngaphandle, ngingena nje, uMfowethu Jackson, phambilini owayeyibandla leMethodisti, ezansi idolobha noma amabili ezansi kwethu.

¹⁰ Futhi bangaki olapha obambisene netabernakele, ake sibone izandla zenu, ndawo zonke. He, ngijabule ngempela—ngempela ukuba nani ezansi. Lona ngumhlangano osondele kakhulu engibe seIndiana isikhashana impela. Ngicabanga ngokubuya, masinya impela, futhi ngimise ithende futhi nginalawoma Cilongo ayisikhombisa okugcina, iNkosi ithanda.

¹¹ Ngakho, manje, kodwa khumbulani kusasa. Ningakukhohlwa, kusasa ngelesibili nqo. Futhi, manje, inkonzo yethu elandelayo izoqala ngeviki elizayo, eTampa, eFlorida.

¹² Manje ngifuna ukukhuluma ngokuthi: *Kokomoya Amne- . . . Ukukhohlwa.*

¹³ Manje, lomfo omncane esikhuluma ngaye, uArose, okomzuzwana nje, ukuthola isendlalelo sethu ngaphambi kokuba sifinyelele endikimbeni. Lokhu kwakungesikhathi sempumelelo enkulu eSamariya. UIsrayeli wayephumelele. Babelandele izwe ngempela futhi bephumelele.

14 Akusikho ukuthi njalo impumelelo iyisayini yezibusiso zokomoya, kodwa ngezinye izikhathi ngokuphambene. Abantu bacabanga ukuthi mhlawumbe ufanele ube nezimpahla ezininginingi zokwezwe, futhi kukhombisa ukuthi uNkulunkulu uyakubusisa. Lelo akusilo iqiniso. Ngezinye izikhathi kungenye indlela.

15 Kodwa siyathola, yena, asazi kakhulu kangako ngalomfo omncane. Yena, asinamlando, ukuthi uvelaphi. Siyazi ukuthi yena, ngokomBhalo lapha, ungumelusi wezinkomo, kodwa uNkulunkulu wamphakamisa.

16 Sengathi ngiyabona ngibona, ngolunye usuku olushisayo eSamariya lapho, elinye lamadolobha ezivakashi amakhulu ezwe ngalolosuku. Yinto ethi ayifane, besingathi, neMiami, noma—noma iHollywood, iLos Angeles, ezinye zalezozindawo ezinjalo, enye indawo enkulu yezivakashi. Futhi singazibonela nje simbona. Wayengakaze abe semzini onjalo. Kodwa, wayeneZwi leNkosi, wayeza kulomuzi omkhulu lapho isono sasingqabelene macala onke. Abefundisi base beqhele bonke eZwini likaNkulunkulu, futhi babekade bengenaye umprofethi iminyaka emide.

17 Futhi ngakho lomfo omncane, lapho edundubala egqumeni, kuthi nje ukuba senyakatho yeSamariya, sengathi ngiyabona ngimbona, ilanga elishisayo likhanya phansi, nobuhwanqa bakhe obumpunga phezu kobuso bakhe, namehlo akhe amancane enciphile, nelakhe elincane, ikhanda elinempandla licwebezela, lapho ebuka phansi phezu kwalowomuzi. Namehlo akhe ancipha. Wayengabuki lokho izivakashi ngokwejwayelekile ezikubonayo, ukuba ziye emzini futhi zibone zonke ezokujatshuliswa ngubuhle bawo. Wabuka futhi wabona ukuthi lowomuzi wase uphenduke waba yini, umuzi owake waba ngumuzi kaNkulunkulu, futhi wase ungene ekuboleni okungaka ngokwesimilo okunjengalokho. Akumangalisi . . .

18 Lo omncane, umfo ongaziwa wayenguArose umprofethi. Futhi manje asazi kakhulu kangako ngaye. Asazi ukuthi uvelaphi. Abaprofethi ngokwejwayelekile bafika enkundleni, bengaziwa, bashiye ngendlela efanayo. Asazi ukuthi bavelaphi, ukuthi bayaphi, asazi ngamamuva abo. UNkulunkulu uyabavusa nje. Wayengabukeki kangako, kodwa wayeno ISHO KANJE INKOSI. Yileyo into enkulu engiyibonayo. Kusobala, uza eSamariya ukuqala umkhankaso wakhe. Ngiqinisekile wayengenalo ubambiswano lwamuntu. Wayengenakhadi lenhlanganyelo kunoma yiliphi ihlelo. Wayengenazincwadi ezimchazayo ukukhombisa ukuthi yiliphi iqembu aphuma kulo. Futhi, kodwa, wayenento eyodwa, wayeneZwi leNkosi lalowo muzi.

19 Futhi ngiyamangala, ukuthi besingamthatha ngezokuthutha, yini uArose, namhlanje, kwehlele esikhathini

sethu, ngiyamangala ubengemukelwa yini emzini wakithi namhlanje. Ngiyamangala ukuthi besingamemukela yini, noma besingenza njengoba benza nje. Sithola imizi yakithi isekuboleni okufanayo. Futhi sithola ukuthi isono sikhulu nje phakathi kwabantu, njengoba sasinjalo ngaleyonkathi. Futhi ngiyamangala, ukuthi lena encane, indoda engaziwa, ukuthi izowuqala kanjani lomkhankaso na? Kanjani, ukuthi izoqala kuphi na? Yiliphi ibandla ezoya kulo, noma ubani ozobambisana nayo na? Yayingenalutho ukukhombisa ukuthi ivelaphi, yayingenalutho nhlobo kodwa u ISHO KANJE INKOSI womuzi.

²⁰ Yabathola bebole kakhulu futhi bonakele kakhulu ngokwesimilo, kwakuyisikhathi esikhulu. Abesifazane kulowomuzi base bephenduke cishe impela baba njengoba benjalo eUnited States. Base bephenduke bonakala. Yonke into uNkulunkulu ayeyibheke kubo, babehambe ngqo ngenye indlela. Futhi—futhi sithola ukuthi kwakuyindawo enkulu lapho ababenemidanso emgwaqeni, abesifazane behhundula izingubo zabo ngokungabi nasimilo, kanjalonjalo, njengokubungazana ngokuhhundula izingubo. Kusobala, lokho kwakungukujabulisa umphakathi ngalezozinsuku, manje sekunsuku zonke. Ake nje isimo sezulu sishise, futhi awudingi ukuba uye kunoma yiyiphi ibhayisikobho. Bonke basemgwaqeni, nomaphi, empeleni. Ngiyanidabukela nina besifazane, ukuba nenze into enjengaleyo! Awunamahloni ngawe uqobo na?

²¹ Kwase kuthi—ke—kwase kuthi—ke ngakusho lokho kowesifazane lapha, kungekudala, wayesethi, “Ngani,” wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “lokho, lokho ku—lokho nje kufana nabo bonke abanye besifazane.”

²² Ngathi, “Kodwa asifanele ukuziphathisa okwabo bonke abantu. Sehlukile. Siyisimilo e—esehlukile.”

²³ Kungikhumbuza ngowesifazane, wathi, “Awu, Mfowethu Branham,” omunye wathi, “A—a—angizigqoki lezozikhindi.” Wathi, “Ngigqoka ibhulukwe isleksi.”

²⁴ Ngathi, “Lokho kubi kakhulu.” Mm! “UNkulunkulu wathi, ‘Kuyisinengiso,’ ebusweni baKhe, ‘ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa.’” Kunjalo impela.

Omunye wathi, “Awu, abasazenzi ezinye izingubo.”

“Basayenza imishini yokuthunga futhi banazo izimpahla.”

²⁵ Azikho izaba. Kuyilokho nje okusenhliziyweni. Yilokho okukhombisayo. Ku—kuzikhomba khona uqobo.

²⁶ Futhi manje siyathola, kulomuzi, uba ngobole ngokwesimilo. Abashumayeli wayesaba ukusho noma yini ngakho. Futhi, kodwa babenomncane, lomfo omdadlana eza enyuka phezu kwegquma, wayezobatshela u ISHO KANJE INKOSI, “Hlanzisisani lento, kungenjalo nizoya kongena ekuthunjweni.”

Futhi waphila ukuba abone izinsuku zesiprofetho sakhe sigcwaliseka. Waprofetha ngezinsuku zikaJerobowamu wesiBili, owayeyisilahlwa nje, empeleni; wa—wasekela ezinye izizwe. Na—naloAmose omncane waprofetha futhi wabatshela, wathi, “Yena impela loNkulunkulu enizisho ukuthi niyamkhonza, Uzonibhubhisa.” Futhi Wakwenza.

²⁷ Futhi ukuba iphimbo laKhe belingaba lapha kulobubusuku, e...eBirmingham, belingasho into efanayo emabandleni. “Yena impela loNkulunkulu enithi nimkhonzile, uzonibhubhisa ngoluny’usuku.” Angikhulumi kulezizithameli lapha. Lamateyipu ajikeleza umhlaba. Manje, khumbulani, lelo yiqiniso.

²⁸ Wayesethola—ke, ngenkathi engena emzini, ukuthi u... zonke lezizinto, ngiyamangala ukuthi ngabe wazizwa enjani ukubuka futhi abone lokho kubola kwabantu bakaNkulunkulu, ayethunywe kubo.

²⁹ Ngiyamangala ukuthi besingamemukela manje na? Ukuba ubengangena, besinga—besingabambisana naye na? Besingamnika okwethu okwedlula konke na? Besingamnika ukunaka kwethu na? Besingaphenduka uma esitshela ukuthi sifanele sibuyele emuva eZwini leNkosi futhi senze ngendlela iNkosi eyathi asenze ngayo na?

³⁰ Ngiyamangala ukuthi odadewethu bebengenzenjani ngezinwele zabo eziphunguliwe na? Bebengaziyeka izinwele zabo zikhule futhi, uma uAmose engafika na? Ubeyokushumayela, futhi ngiyanitshela lokho, ngoba lelo yiZwi leNkosi.

³¹ Ngi—ngiyamangala ukuthi awethu—ukuthi amabhodi ethu akhipha abadikoni, uganwe kathathu noma kane, no—nokunye nokunye kanjalo, futhi bezama ukuba ngabadikoni, ngiyamangala uma zonke lezizinto. Ngiyamangala ukuthi ubengenzani endodeni eyoyeka umkayo agqoke izikhindi futhi aphumele emgwaqeni lapho, futhi agunde igceke, phandle egcekeni, ngenkathi kwedlula indoda na? Ngiyamangala ukuthi ubeyothini endodeni enjalo na?

³² Impela ubeyokuqhumisa ngakho konke okwakukuye, ngokuba wayeno ISHO KANJE INKOSI, futhi ayikho enye into ayengayenza kodwa lokho. Wabathola ngalolosuku benodaba olubi lwesifo, isifo sokukhohlwa sokomoya, futhi yilokho impela esinakho namhlanje.

³³ Manje, wakwazi kanjani okwakuzokwenzeka na? Wazi kanjani uAmose na? Kuqala, wayengumprofethi. Futhi, into elandelayo, wayazi ngesifo ukuthi ukuxilonga isifo kwakuyini, futhi wayezokwazi ukuthi imiphumela wawuyini.

³⁴ Uma udokotela ebuka okunesimila bese ebona ukuthi lesosimila sesivele sibambelele, uyazi ukuthi akukho lutho

kodwa kusele ukufa kuphela. Yilokho kuphela, ngaphandle uma uNkulunkulu enza okuthize ngakho.

³⁵ Awu, uma ubuka umuzi, bese ubuka abantu, ubuke ibandla, bese ubuka abantu oqhele kakhulu kuNkulunkulu, akukho lutho kodwa ukuxilonga isifo kodwa, “Isono! ‘Nenkokhelo yesono ngukufa.’ Ngukufa.” Ukuxilongwa kwezifo kufakazisa ukuthi siyini. Niyabo, uma abantu beqhela kuNkulunkulu futhi bengayikulilalela iZwi, bengasenaso isifiso seZwi, khona—ke kunokuxilongwa okukodwa kwezifo kukho, “‘Umphefumulo owonayo, lowomphefumulo uyakufa.’ Ukungakholwa kuyonehlukana noNkulunkulu.” Kunjalo impela.

³⁶ Lokho, wayazi ukuthi isifo, ukuthi imiphumela kwakuyini, ngenkathi esebone isifo se—sesono emzini.

³⁷ Manje, lesisifo sokukhohlwa, sitshelwa ukuthi siyi—yi—yi... isizathu wena ukuba ube sendaweni lapho ongeke wazikhomba wena uqobo. Manje, siyinto engejwayelekile. Asenzeki kaningi kakhulu, kodwa izimbangela isekwethukeni. Ngumuntu ongazi ngisho nokuthi bangobani. Usithola ezimpini, ngesinye isikhathi, amasosha ayasithola. Ngesinye izikhathi abantu bayasithola. Enye into esibangelayo, ngukukhathazeka. Ukukhathazeka kuyosibangela.

³⁸ Ukukhathazeka akunamandla obuhle kukho, nhlobo. Ya, nje—nje—nje yeqa ukukhathazeka, futhi wemukele ukukholwa.

³⁹ Omunye wathi, “Awu, manje, uma—ke uzodutshulwa ekuseni, ubungekhathazeke na?”

Ngathi, “Qhabo, angicabangi kanjalo.”

“Ngani na?”

Ngathi, “Ukukhathazeka akungenzeli lutho kodwa kungenza ngibe kabi kakhulu.”

“Awu, kuzosiza ngani ukuba nokukholwa na?”

Ngathi, “Kungahle kungikhulule.” Futhi kunjalo, uyabo.

⁴⁰ Ngakho ukukhathazeka akunamandla obuhle kukho, nhlobo, kodwa ukukholwa kunawo onke amandla obuhle. Kholwa!

Manje ukukhathazeka ngesinye isikhathi kuyasibangela.

⁴¹ Nanye into esibangelayo phakathi kwabantu, ngukuba phakathi kwemiqondo emibili. Lokho kuyobangela isifo sokukhohlwa. Futhi sikufaka endaweni lapho wena—wena, empeleni, okwenzile, usulahlekelwe imizindlo yakho. Ulahlekelwe yingqondo yakho. Awukwazi ukwenza... Awuzazi ukuthi ungubani. Awukwazi ukuzikhomba wena uqobo. Ungahambahamba, udle nayo yonke into, kodwa, wena, noma kunjalo awukwazi ukuzikhomba wena uqobo. Unemfundo yakho ebonisa ulwazi olukhulu, unga... imfundo efanayo

owawunayo, kodwa awazi ukuthi ivelaphi, awuzazi ukuthi ungubani, ukuthi ungowakuphi. Leso yisifo sokuhlohlwa, ngakho siyatshelwa.

⁴² Sibidakanywa nemindeneni yethu, kulempilo yobuntu, ngomshado. Nanomkethu, esishada nabo, nomndeneni wethu ukhonzwa ngubunye bomshado wethu—wethu—wethu. Bese kuthi—ke, sicabange ini, ukuba—ke lento esabekayo ibingenzeka kuwe futhi ubungeke ukwazi ukukhumbula ukuthi ubani owashada naye, ubani umkakhho, yibaphi abantwana bakho, ubani uyihlo nonyoko, ubani umakhelwane wakho na? Lokho bekungaba yi—yinto esabekayo.

⁴³ Manje—ke siyakhonzwa, futhi, singazikhomba thina uqobo esintwini, ngokuba nobuhlakani no—nokuba ngabehlukile empilweni yezilwane. Isilwane asikwazi ukucabanga, sihamba ngemisindo nje. Asinamphefumulo. Futhi, kodwa, thina siyimpilo yesilwane. Okusenza sehluke...Siyisilwane esincelisayo, kodwa oku...Lesosilwane esincelisayo siyisilwane esinegazi elifudumele. Futhi sisesimweni sesilwane Kodwa okusenza sehluke, sikhonzwa ngokuba nomphefumulo, unembeza ositshela ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile.

⁴⁴ Manje kunendawo, uma uthola lesisifo sokukhohlwa, ungahle uthole ukuba njengoNebukadinezari, kwakunguye, owake waziphakamisa, futhi uNkulunkulu wamenza acabange ukuthi wayeyisilwane. Futhi wayehlala phandle ehlane futhi—futhi udla utshani njengenkabi. Ne—nezinwele zakhe—zakhe zamila zehla ngomzimba wakhe, njengezimpaphe zokhozi, futhi wayesephenduke inhliziyi yesilwane kuye. Niyabo? Leso kwakuyisifo sokukhohlwa, ngoba wayesekhohliwe ukuthi wayeyinkosi. Wayesekhohliwe ukuthi wayeyisidalwa esingumuntu. Futhi wacabanga ukuthi wayeyisilwane, ngakho waziphathisa okwesilwane, ngoba wakhohlwa ukuthi wayeyisidalwa esingumuntu.

⁴⁵ Lokho kulula kakhulu, namuhla. Futhi siyakhohlwa, ngezinye izikhathi, ukuthi liyini iBandla lamaKristu. Siziphathisa okwezwe. Lokho kukhombisa ukuthi sinisifo sokukhohlwa sokomoya, ngenxa yokuthi awuziphathisi okomKristu. Uziphathisa okwezwe. Wemukela inhliziyi yezwe, futhi ibangela lokhu.

⁴⁶ Lapha si—sithola ukuthi uIsrayeli wayesedalulekile, wathola ukudaluleka ezweni, futhi wayewele kulesisisele. Nalomprofethi wathunyelwa ukuba abagubhe baphume kuso, uma wayengakwenza, nokuba abatshela. UNkulunkulu, ngomusa waKhe, wakhetha uIsrayeli kuyo yonke eminye imindeneni emhlabeni. Umusa wawenze lokho. Wayebaphe ukukhetha amazwe. Wabapha izindlu ababengazange bazakhe. UNkulunkulu wakwenza lokho, wabakhetha. Wabapha amaplazi abangazange bawathenge. Wa—Wabapha, Wabapha

ukudla abangazange baktshale. Wabapha imithombo abangazange bayimbe. Wabapha ukunqoba okuningi abangazange bakunqobe. Wabapha umusa abangazange bawufanele. UNkulunkulu wakwenza lokho ngomusa waKhe enzela lababantu, uIsrayeli, abakhethiwe baKhe, abathandekayo baKhe.

⁴⁷ Futhi washo, eBhayibhelini, “Wamthola ensimini, njengentombazane encane ihlezi phezu kwegazi layo uqobo, Wayeseyigeza wayeseyihlanzisisa, nalokho Akwenzile. Kodwa emva kokuba uNkulunkulu esemkhombise wonke lomusa omningi, futhi waceba,” wathola isifo sokukhohlwa, isifo sokukhohlwa, “futhi wakhohlwa konke ngokuthi lezizinto zivelaphi.”

⁴⁸ Ngicabanga ukuthi leso yisithombe se U.S.A., ngo 1964. Iphethwe yisifo esifanayo. Singamabandla amakhulu anamandla. Singabakhulu, abantu abanamandla. Siyizigidi ngesibalo, futhi sesikhohliwe ukuthi lezizinto zivelaphi.

⁴⁹ Babenodaba olubi lwaso. Emva kokuba uNkulunkulu wayebemuhle kubo, futhi wabakhuphula besuka kuwo onke amazwe abahedeni, futhi wabenza abantu abehlukanisiwe, abahlukaniselwe kuYe uqobo. Wathi, “Wathatha umvini kwelinye izwe futhi wawutshala ngale kwelinye izwe, nokuthi Walilungisa kanjani macala onke ukulenza limile isithelo futhi lithele, kodwa umvini wakhohlwa ukuthi izibusiso zawo zivelaphi.”

⁵⁰ Benze njalo nabantu bakaNkulunkulu, ngalezizinsuku zokugcina, ukhohliwe ukuthi ubufakazi bokuba ngumKristu busho ukuthini. Sinjalo futhi, lesisifo sokukhohlwa sesiphenduke saba phezu kwabantu. Abakwazi ukuzikhomba bona uqobo.

⁵¹ Bona, bakhohlwa yikho konke ngaKho. Base bebukhohliwe ubungwele baKhe. Base bewukhohliwe umthetho waKhe. Abesifazane babephila njengabo bonke abanye besifazane.

⁵² IBandla likaNkulunkulu nabantu baKhe ubehlala njalo e, “Ngabantu abehlukanisiwe, a—abantu ababizelwe ngaphandle, abantu abazuziweyo, isizwe esingcwele, ubupristi obobukhosi; benikela ngemihlatshelo yokomoya kuNkulunkulu, izithelo zezindebe zabo, benika udumo eGameni laKhe.” UNkulunkulu wabiza iBandla laKhe futhi waLehlukana nezwe, ngayo impela leyonhloso. Futhi Ulinika umthetho, futhi Yena, Lona, lifanele libe ngcwele. Wathi, “Ngingcwele, futhi nifanele nibe ngcwele, futhi ngaphandle kobungcwele akukho muntu ongabona iNkosi.” UNkulunkulu wakusho lokho, qobo lwaKhe.

⁵³ Futhi Wayebize lababantu ukuba babe yiloluhlobo lwabantu, kodwa base bekhohliwe ngakho. Base beyikhohliwe imithetho yaKhe, futhi babezikhohliwe izimilo zabo zokuziphatha. Abesifazane phandle emgwaqeni, abesifazane

abangabakwaIsrayeli phandle lapho, ngamunye ebheke uku—
ukukhuleliswa nguMoya oNgcwele, ukuzala uMesiya, bese—ke
beziphatha kanjalo. Isimilo sabo sasisibi kakhulu.

⁵⁴ Ngifuna ukuma lapha umzuzu, ukuba ngithi kuyinto
efanayo phakathi kwabantu bakithi, namhlanje, abazibiza
ngamaKristu. Isimilo sabo, ukuba kuphela beningaqonda!

⁵⁵ Ngesinye isikhathi, eNingizimu. Ngafunda indaba ezansi
lapha, lapho ngenkathi besavamise ukuba nezigqila. Babethatha
labobantu futhi babathengise emakethe, njengoba nje
ubungathengisa imoto esike yasetshenziswa. Futhi manje—ke
kwakukhona umthengisi, otheng’athengisele abanye, wayefika
bese ekhetha lezigqila bese ehweba ngazo, njengoba nje
ubungenza emotweni noma okuthize.

⁵⁶ Nalezo zigqila sikude nezwe lasekhaya kubo. Zazivela
eAfrika. AmaBhunu ayezithumba, azilethe ngapha eziqhingini,
bese—ke ezishushumbisa ziyongena eUnited States bese
zithengiselwa ukuba yizigqila, kusukela phandle eJamayika
nangakhona.

⁵⁷ Manje sithola ukuthi labobantu babedabukile. Babekade
bethunjiwe ekhaya labo uqobo. Babekade bekhishwe yisitha,
futhi babedabukile. Babengasophinde babone umyeni wabo
futhi, noma umkabo futhi, uyise noma unina, abantwana babo.
Ngokoqobo babe. . . Babebabhaxabula, ngeziswebhu, ukubenza
basebenze, ngokuba babengabantu abadabukile.

⁵⁸ Futhi ngolun’usuku, otheng’athengisele abanye wafika
ngasehlathini elithize lokutshalwa, wabona isigejane sezigqila
phandle lapho sisebenza. Futhi wa—wangena wayesebuza
umnikazi, wathi, “Zingaki izigqila onazo na?”

Wathi, “Cishe ikhulu.”

Wathi, “Zikhona ongashintshanisa ngazo noma uzithengise
na?”

Wathi, “Yebo.”

Wathi, “Ake ngizibuke.”

⁵⁹ Wayesephumela ensimini wayesezibhekisisa, wayesezibona
zidinga ukuthi ukubhaxabulwa. Futhi emva kwesikhashana,
wabona insizwa eyodwa babengadingi ukuba bayibhaxabule.
Yayiqhunsule isifuba sayo nesilevu sayo sibheke phezulu;
wayengadingi ukuba asibhaxabule. Ngakho otheng’athengisele
abanye wathi, “Ngithanda ukuthenga lesiyasigqila.”

Wayesethi, “Kodwa asithengisi.”

⁶⁰ Wathi, “Awu, yini umehluko walesosigqila na?” Wathi,
“Ngabe lesosigqila singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?”

Wathi, “Qhabo, siyisigqila nje.”

Wathi, “Awu, mhlawumbe usondla ngokwehlukile.”

Wathi, “Qhabo, sidla ekamelweni lokuphekela emkhunjini nazo zonke ezinye izigqila.”

⁶¹ Wathi, “Awu, yini esenza sehluke kakhulu kuzo zonke ezinye izigqila na?”

⁶² Wathi, “Awu, lokhu kwakungimangalisa, nami, isikhathi eside. Kodwa ngoluny’usuku ngafunda, ukuthi, phesheya ekhaya lendabuko lapho sivela khona, uyise uyinkosi yesizwe sonke. Futhi nakuba singowezizwe, futhi sikude nekhaya, nokho siyazi ukuthi siyindodana yenkosi, futhi si—siziphathisa okwendodana yenkosi.”

⁶³ Ngacabanga, “Kodwa, uma iNigro livela eAfrika, futhi lazi ukuthi uyise wayeyindoda yesizwe nenkosi phezu kwesizwe, bekufanele kwenzeni kumKristu ozelwe ngokusha, owesilisa noma owesifazane, ukuthi uBaba wethu uyiNkosi yeZulu eNkazimulweni!” Sifanele siziphathise okwabesilisa nabesifazane abangamaKristu. Sifanele siziphathise okwakho, sigqokise okwakho, sikhulumise okwakho. Nakuba singowezizwe, nokho singabantwana beNkosi. Amen.

⁶⁴ Isimilo sethu, ukukhohlakala kwethu ngezinsuku esiphila kuzo manje! UIsrayeli wayewele kulesosisele esifanayo futhi naye wayenesimilo esibi. Base beyikhohliwe imithetho kaNkulunkulu, “Ungaphingi, futhi ungafisi umfazi womakhelwane wakho,” kanjalonjalo. Base beyikhohliwe leyomithetho. Ba—ba—babengasawufuni. Futhi ba—babefuna uku—ukufana nalo lonke izwe, njengoba nje ibandla linakho namhlanje.

⁶⁵ Ngesinye isikhathi, uIsrayeli, ngenkathi beqala, wayefuna ukuba nenkosi phezu kwakhe. USamuweli wabatshela, umprofethi owayethunyelwe kubo, wathi, “Manje sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ayangafezeka na?”

Bathi, “Qhabo, awukaze.”

⁶⁶ “Ngake nganinxiba ukudla kwami nemali, imali yenu, futhi, ukuba mina ngiphile ngakho na?”

⁶⁷ “Qhabo, awukwenzanga lokho. Awuzange usitshela lutho, Samuweli, okungafezeki. Futhi awukaze usicele imali yethu, ukuba uziphilise. Kodwa, nokho, sifuna inkosi, noma kanjani.”

⁶⁸ UNkulunkulu washo kuSamuweli, “Mababe nayo. Abalanga wena; bale Mina.”

⁶⁹ UIsrayeli wayesefike kulesosimo manje. Babengasabafuni abaprofethi bakaNkulunkulu. Babengabadingi. Futhi uma kufika oyedwa, futhi abalethele iZwi, futhi azame ukubabuyisela eZwini, babeLenqaba. Bakwenza njalo, ngaleyondlela yokwenza yokonakala.

⁷⁰ Uma izwe nebandla kuzihlanganisa ndawonye, khona—ke abafuni lutho okungokomoya. Abamfuni u ISHO KANJE INKOSI. Bafuna abakufunayo. Bafuna izwe, nokuba bathi

bangumKristu; futhi baphile ezweni, futhi baphile nezwe, futhi baphile njengezwe, futhi babe besalokhu bekugcinile ukuvuma kwabo kokuba ngumKristu. Niyazi, into yakho ingukuthi, yisifo sokukhohlwa sokomoya. Siyilesi impela. Abazazi ukuthi bangobani. Sebekukhohliwe lokho abafanele bakwenze.

⁷¹ Ukuba oyedwa ubengafika namhlanje, onjengalowo, bekungenqatshwa ngokufanayo nje. Babenodaba olubi lwakho, futhi kanjalo banalo namhlanje. Abakwazanga ukuzibandakanya nezinto ezingaphezu kwemvelo, nhlobo, ngoba babengalifuni. IZwi, iVangeli, babengaLifuni. Isifo sesono sasibahluphile, futhi babekuthanda lokho.

⁷² Isono siyanxaneleka enhliziyweni engaphendukile. Sibukeka sisihle emqondweni ongaphendukile, kodwa siyindlela yokufa. Akusekho okusele kodwa ukufa. “Inkokhelo yesono ingukufa,” futhi ufanele uyivune leyonkokhelo. Uhlwanyele emimoyeni evunguzayo, futhi manje uvuna isikhwishikazana.

⁷³ Izibonakaliso zokomoya nokushumayela kwesithunye esigcotshiwe esivela kuNkulunkulu, azibange zisabashukumisa neze. Abesifazane babebadelela ngqo, futhi bathi, “Angidingi ukuba ngiyokuzwa izinto ezinjengalezo.” Uma lokho kungaphindanga futhi! Kuyini na? Isifo sokukhohlwa sokomoya, siyiso impela. Sebekhohliwe ukuthi uNkulunkulu neZwi laKhe uyafana, futhi AngeLiguqule.

⁷⁴ Uma umprofethi wayevuke enkundleni ngalezozinsuku futhi anikeze isibonakaliso sokomoya, iphimbo lokomoya, futhi wanikeza iphimbo likaNkulunkulu emva kwaso, kuphela babeLihleka futhi bahlekise ngaLo.

⁷⁵ Niyasazi isisho esidala, “Iziwula ziyohamba ngezicathulo ezinezipikili ngaphansi lapho iziNgelosi zesaba khona ukunyathela.” Senza lokho—ke lesisifo sokukhohlwa sokomoya. Senza abantu bafike endawaneni kuze kube lapho bngasakho ukuzwa ngaphakathi kubo. Abafuni lutho olungolokomoya.

⁷⁶ Thatha umhlangano wokomoya ngempela, lapho uMoya oNgewele uphilisa khona abagulayo futhi wahlulela imicabango osenhliziyweni, bese uwubeka phakathi kwawo onke amabandla, ukubuthana okukhulu nje phandle lapha kulesisitadiyamu, bese ubuka ukuthi bekungenzekani. Emizuzwini embalwa, wonk’umuntu ubengasukuma futhi ephuma. Abanalatho abangazihlanganisa nalo ngawo. Abafuni kuzihlanganisa ngalutho nawo. Bayolalela enye inkulumo yezihlakaniphi.

⁷⁷ Kodwa uma sekuza eMandleni kaJesu Kristu, nokuvuka kwaKhe, noMoya oNgewele, abafuni lutho lokuzihlanganisa naWo, ngoba uyabagxeka. Ubokhela ngento abebefanele bayazi. Akukho kulaywa, kusobala, kunxaneleka isikhashana. Kodwa, khona, uma nizozinikela kukho, ku—kuletha izithelo

zokuphenduka. Ngakho siyathola, uma lesisifo sokukhohlwa sokomoya sibamba abantu, khona-ke base-basesimweni esibi. Manje sithola okufanayo manje. Manje ngifuna uku . . .

⁷⁸ Ufanele ukhonjwe. Ndawondawo, ufanele ukhombise. Impilo yakho iyakhombisa, kulobubusuku, lapho okhonjwa khona. Kuya ngokuthi ukhonjwa kuKristu noma ngaphandle kukaKristu. Awusuye uhhafu ingxenye. Ayikho into okuthiwa yindoda edakwe ingadakiwe. Ayikho inyani emnyama emhlophe. Kuphakathi kokuthi usindisiwe noma awusindisiwe. Ungongwele noma isoni, okukodwa noma okunye, nesimo sokuziphatha kwakho ngaseZwini likaNkulunkulu sikhomba wena impela lapho omi khona. Kunjalo!

⁷⁹ IZwi likaNkulunkulu, laqinisekisa, lafakazisa ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uyafana nje njengoba wawulokhu unjalo ngoSuku lwePhentekoste noma yisiphi esinye isikhathi. NoJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Nesimo sakho sokuziphatha ngakuLokho siyakhomba ukuthi ngabe unesifo sokukhohlwa sokomoya, noma qha. Kunjalo. Akunandaba noma ngabe uyidikoni, noma ngisho noma ngabe ungumshumayeli, akwenzi . . . Ya, bayasithola, nabo. Ngakho siyathola, siyesulelwana futhi sishaya yonke into. Manje siyaqaphela.

⁸⁰ Manje, ukuba ngumMelika. Ukuba ngumMelika, ngifanele ngibandakanywe nesizwe sami. Manje lalelisisani. Ukuba ngumMelika, uma ngizalwa lapha kulelizwe, ngiba yisakhumuzi, futhi ngibandakanywa nalesizwe. Konke esiyikho, ngiyikho. Konke ebesiyikho, ngiyikho. Ngokuba ngikhonjwa njengomMelika, khona-ke ngifanele ngithathe konke okwehlazo laso, konke okwenkazimulo yaso. Noma ngabe kuyini, ngiyikho, ngoba ngibandakanywa naso. Amen. Ngifuna nikuthole. Ngikhonjwa njengesakhumuzi saseMelika, ngakho-ke konke eyayiyikho, ngiyikho. Konke eyikho, ngiyikho. Ngifanelengibe yingxenye yayo. Ngifanele . . . uma ngiyisakhumuzi sasemelika, ngiyingxenye yeMelika. Nakho konke eyikho, ngiyikho.

⁸¹ Ngifanele ngingakukhohlwa neze lokhu. Uma ngifuna ukuhlala ngiyisakhumuzi saseMelika sangeqiniso, ngifanele ngikhumbule ukuthi ngiyilokho isizwe sami esiyikho, ngokuba ngibandakanywa nesizwe sami. Ukusikhohlwa, noma-noma . . . Ukusilwela, noma ukusifela, noma ukumela konke esikumeleyo, ngifanele ngisimele. Lokho isizwe sami esiyikho, ngiyikho. Esikumele, ngiyakumela. Ukuba ngibe ngumMelika othembekile, ngizolungela ukusifela, ngisilwele, ngisimele, ngenze noma yini ekhona. Ngiyingxenye yaso. Ungeke wasicwasa ungacwasanga mina. Uma usho okuthize ngokumelana naso, ukusho ngokumelana nami, ngokuba ngingumMelika. Ukukusho ngokumelana nawe, njengomMelika, nalokho abakushoyo ngokumelana nalesizwe,

bakusho ngokumelana nawe, ngokuba uyingxenye yaso. Ungalokothi usikhohlwe; uma ukwenza, khona-ke unesifo sokukhohlwa, impela impela.

⁸² Futhi, khumbula, awusesiso isakhamuzi saseMelika uma ungeke waphenduka ube yingxenye yaso. Ufanele. Lokho umMelika ayikho, ufanele ube yikho nawe. Ngifanele ngibe ngabahlanganyeli baso. Lesi yisizwe sakithi, ngifanele ngibe ngabahlanganyeli baso. Esiyikho, ngiyikho. Niyabo, esasiyikho, ngiyikho. Akunandaba ukuthi sasiyini, ngisalokhu ngiyilokho esasiyikho.

⁸³ Ukuba ngumMelika, ngehlela ePlymouth Rock, naso, nokhokho. Ngangifanele; ngiyingxenye yaso. Ngagibela noPaul Revere, ukusexwayisa ngezingozi zaso. Uma ngiyisakhamuzi sangempela esingumMelika, ngehlela ePlymouth Rock. Ngagibela noPaul Revere, ukusexwayisa ngengozi yaso. Niyazi ukuthi ngichaza uk'thini manje na?

⁸⁴ Ngawela iDelaware eno ayisi, noGeorge Washington, namosha akhe ayengafake zicathulo. Ngingalapho, ngokuba ngibandakanywa nalesisizwe. Akwenzayo lapho kwakuyingxenye yami; engikwenzayo manje yingxenye yakhe. Ngibandakanywa noWashington, eDelaware.

⁸⁵ Ngama noStonewall Jackson, ngenkathi amathuba ayephikisana naye ayamakhulu kakhulu, futhi babuza, "Ungama kanjani njengodonga lwamatshe, amathuba aphikisayo abe ephikisana nawe na?" Umfo omncane omehlo al'hlaza s'bhakabhaka enamahloni wakhahlela uthuli ngamabhuzi akhe, wathi, "Angiwaphuzi neze amanzi ngize ngibonge uNkulunkulu uSomandla ngakho." Ngizofanele ngime njengodonga lwamatshe naye. Ngama lapho noStonewall Jackson. Ukuba ngumMelika, ngibandakanywa naye nesinqumo sakhe sokuma. Ewela iDelaware! Elwa izimpi!

⁸⁶ Ngaphakamisa iflege. Nganginabo ngenkathi bephakamisa iflege eGuam. Emva kokuba izinkulungwane zamasosha aseMelika zinikela impilo yazo, nangenkathi lapho leloqembu elincane ligijimela phezu lapho futhi lasho laphakamisa iflege, ngabandakanywa kulokho kuphakanyiswa kwaleloflege; sonke sabandakanywa. Zonke izakhamizi zaseMelika sabandakanywa naleloflege lilenga phezu kweGuam. Ngenkathi ngizwa ukuthi babemise leloflege lapho, izinyembezi zehla ngezihlathi zami. Lowo kwakuyimi. Lowo kwakunguwe. Lokho kwakusho thina sonke, ngenkathi sibandakanywa lapho nalokho.

⁸⁷ Konke esiyikho, ngiyikho. Yonke inkazimulo yaso iyinkazimulo yami. Lonke ihlazo laso liyihlazo lami. Uma senze izinto eziyihlazo, khona-ke ngizodingeka ngisigqolozele... ngimele ihlazo laso. Uma semukela inkazimulo, ngimukela inkazimulo naso, ngoba ngibandakanywa naso. Manje, ukuba ngibandakanywe, umMelika uzofanele amele lonke ihlazo

leMelika, yonke inkazimulo yeMelika, konke eyake yaba yikho. Konke eyikho, noma eyoba yikho, wena ubandakanywa nakho.

⁸⁸ Manje, ukuba ngumKristu wangeqiniso, ufanele ufane. Asifuni ukukukhohlwa lokho. Konke Ayeyikho, ngibandakanywa naYe. Ngibandakanywa naYe.

⁸⁹ Qaphelani, futhi Ukimi, nami ngikuYe. Qaphelani, manje-ke, wonk'umKristu ongumKristu—mKristu wangokoqobo ngempela, wayenaYe, “Lapho izinkanyezi zokusa zihlabelela kanyekanye namadodana kaNkulunkulu ahlabelela ngokujabula, ngaphambi kokusekelwa kwezwe.” Sakhonjwa ezindaweni zamazinga angasayikufa noNkulunkulu, iminyaka eyizigidi eziyishumi ngaphambi kokuba izwe libunjwe. Ngangisemuva lapho naYe. Uma nginokuPhila okuPhakade. Ngangilapho naYe. Ngabandakanywa naYe, “Lapho izinkanyezi zasekuseni zihlabelela kanyekanye namadodana kaNkulunkulu ahlabelela ngokujabula.”

⁹⁰ NganginaYe lapho Ebiza uAbrahama eneminyaka e—engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, nomkakhe enamashumi ayisithupha-nanhlanu, futhi wamtshela ukuthi babezoba nengane. Nganginaye ngenkathi ethatha isinqumo sakhe sokuma phezu kuka ISHO KANJE INKOSI, “Ngizoba nengane.” Ngama naye. Wonke omunye umKristu wama naye. Nganginaye ngenkathi kufika izilingo zakhe. Nganginaye ngenkathi enyukela esicongweni sentaba, ukuyonikela ngoIsaka. Nganginaye ngenkathi kubonakala inqama.

⁹¹ NganginoJosefa ngenkathi enqatshwa abafowabo, ngoba wayengowomoya nabo bonke abanye wayengowenyama. Nganginaye ngenkathi elazi ihlazo ayemele alimele ngabafowabo uqobo. Ayeyikho, ngiyikho. Engiyikho, wayeyikho. “Ngokuba sonke simunye kuKristu Jesu.” NganinoJosefa emgedeni wakhe, ithuna. Nganginaye ngenkathi eya kwesokudla sikaFaro. Wadingeka ubandakanywe naye.

⁹² NganginoJakobe ngalobo busuku ngenkathi ebambana ubusuku bonke neNgelosi. Ngibambane nayo, qobo lwami. Ngiyakwazi edlula kukho. Ngakho ngabambana noJakobe ngesikhathi esifanayo enza ngaso, ngokuba ngingumfowabo.

⁹³ NganginoMose ngenkathi ehlela eGibhithe. NganginoMose esihlahleni esivuthayo. Uma ungumKristu, ubandakanywa nalabobalingiswa baseBhayibhelini. Ningakukhohlwa! NganginoMose ngenkathi bonke abantu bemphendukela. NganginoMose ngenkathi ewela uLwandle oluBomvu. Ngenkathi ephakamisa isandla sakhe futhi waqonda phambili, noLwandle oluBomvu lwavuleka, ngakhonjwa kuKristu ngayo leyonkathi, futhi nganginoMose ngalelohora.

⁹⁴ Konke umKristu akade eyikho, konke amakholwa ebeliyikho, lonke ikholwa manje libandakanywa nalowomuntu ofanayo. Noma ngabe kuyini, ufanele ubandakanywe.

Ningakukhohlwa lokho. Uma nenza, ninesifo sokukhohlwa sokomoya; senikhohliwe ukuthi ningobani.

⁹⁵ Manje ngibandakanywe naye, noMose, ngenkathi ewela ulwandle.

⁹⁶ NganginoElija ngezinsuku zikaAhabi, ngenkathi kwakudingeka benze ukukhetha ukuthi ubani ababezomkhonza, uNkulunkulu noma uBalami. Sasinaye eNtabeni iKameli, ngenkathi ayedingeka enze lokhu ukukhetha, ngokuba sikhonjwa kulowoMzimba kaNkulunkulu ofanayo akhonjwa kuwo. Ngakho uma sikhonjwa kulowoMzimba, ngakho-ke sifanele sikhumbule ukuthi sasilapho naye. Kunjalo.

⁹⁷ Manje, nganginoDavide, ngenkathi enqatshwa ngabazalwane bakhe uqobo. NganginoDavide; wawunaye, nawe, uma ungumKristu. Ufanele ubandakanywe ekwenqatshweni kwakhe.

⁹⁸ Nganginabantwana bamaHeberu, esithandweni somlilo, ngenkathi u—umlilo ungakwazanga ukubashisa ngenxa yoBukhona beNdoda yesine.

⁹⁹ NganginoDanyeli, emphandwini wezingonyama. Ngakhonjwa phakathi lapho, ngenkathi iNgelosi yeNkosi imkhomba phakathi lapho.

¹⁰⁰ Ngangiqiniseke kakhulu kakhulu naYe eKalvari. Ngifanele ngibandakanywe naYe eKalvari. Ngifanele ngibe lapho endaweni, leyo, lapho kungesikho futhi ukuthi ngabandakanywa naYe eKalvari, ngafa naYe eKalvari. Wonke umKristu ufanele afe naYe eKalvari. Uma ungafi naYe eKalvari, ungeke waba ngowaKhe. Ngangilapho ngenkathi Efa. Ngafa naYe. Kwase kuthi-ke nganginaYe ngenkathi Evuka kwabafileyo. Nginyuka ekuseni ngePhasika naYe, ekuvukeni. Noma yini Ayenza, ngangikhona lapho naYe; lonke ikholwa lalingokufanayo.

¹⁰¹ Futhi manje ngihlezi naYe eziNdaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, nawo onke amandla esihogo enqotshiwe, ngaYe. Lonke ikholwa elingumKristu lalihlezi ngendlela efanayo, ngoba ufanele ukhonjwe.

¹⁰² Manje ngizithola mina uqobo, ngalolu izinsuku zokugcina, namaningi amaKristu akholwayo, ngikhonjwe enkonzweni yaKhe. “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ngizithola mina uqobo, kulolusuku, ngikhonjwe enkonzweni yaKhe. Ngabe uzithola wena uqobo ungaleyondlela, uyikholwa, uhamba nayo na? Qaphelani, imisebenzi Ayenzayo, Wathi ikholwa liyokwenza into efanayo. “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Manje-ke ungabandakanywa naYe na? Manje-ke uma kufika ihlazo phezu kweZwi, ungalimela ihlazo njengoba Enza, niyabo, ubandakanywe naYe na? Ngabandakanywa naYe.

103 NganginaYe ngoSuku lwePhentekoste. Nganginabafundi phezulu lapho, ngabandakanywa nabo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

104 Ngiyamangala ukuthi ngabe ibandla alinaso yini isifo sokukhohlwa kakhulu impela manje ngangokuthi aba, abanye babo, abakholwa ngisho nokuthi ikhona into okuthiwa nguMoya oNgcwele. Niyabona lapho ibandla selifinyelele khona na? Udaba olubi impela lwesifo sokukhohlwa! Niyabo, bakhohliwe ukuthi lowo kwakunguJesu Kristu emuva lapho. Sebekhohliwe ukuthi uJesu Kristu wayeyini. Sebekhohliwe. Babecabanga ukuthi Wayengu—ngumnikezeli-mthetho nje, noma umprofethi, noma u—umuntu olungileyo. Bakhohlwa ukuthi WayenguNkulunkulu. Bakhohlwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Nebandla linodaba olubi lwesifo sokukhohlwa sokomoya. Sebezikhohliwe zonke lezizinto. AbasaLiqondi nhlobo.

105 Sifanele sibe nabafundi ePhentekoste, sibandakanywe nabo. Ngabandakanywa nentshumayelo kaPetru ngoSuku lwePhentekoste, eZenzweni isahluko 2. Ngakuzwa akusho. Ngakukholwa akusho. Ngakuhlonipha akusho. Manje ngibandakanywa entweni efanayo.

106 Ungatholi isifo sokukhohlwa sokomoya. Isizathu, uzo, uzozibandakanya wena uqobo nenye into. Hlala naleloZwi ngqo!

107 SasineBandla ngenkathi lithunywa nguJesu Kristu, ezenzweni, isahluko 16. “Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Ngifuna ukubandakanywa lapho, “Izwe lonke, kukho konke okudaliweyo.” “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” ngingakhonjwa kulokho.

108 Awu, manje, ngabe ubandakanywe nalokho, noma unesinye isifo sokukhohlwa sokomoya, othola ukuthi awukholwa ukuthi lezizibonakaliso ziyawalandela amakholwa na? Niyabo, uma ungakukholwa, khona—ke unesifo sokukhohlwa sokomoya, uyabo, usukhohliwe ukuthi uNkulunkulu wakwethembisa lokho. Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Ungakukhohlwa. Ungeke wakukhohlwa futhi ube ngumKristu. Ufanele ubandakanywe nakho.

109 Ufanele ubandakanywe noJohane oNgcwele isahluko 14, ivesi 12. “Okholwa naMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Ungakukhohlwa. Uma ukukhohlwa, khona—ke unesifo sokukhohlwa sokomoya. Ukhohliwe ukuthi ungubani. Ukhohliwe ukuthi ubufakazi bakho busho ukuthini.

110 Kuthiwani mayelana nokuthi, Wathi, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, ningacela enikuthandayo futhi niyakwenzelwa khona”? Ngabe nibandakanywa lapho, ukuba

nikholwe ukuthi lokho yiQiniso na? UMarku 11, ngenkathi Ethu, “Uma nithi kulentaba, ‘nqukuleka,’ futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwe ukuthi enikushilo kuzofezeka, ningaba nakho enikushilo.” Ningabandakanywa lapho, ukuba nikholwe ukuthi lelo yiQiniso na? Uma lingakwenzanga, khona-ke nithola isifo sokukhohlwa sokomoya.

111 Futhi—futhi uyakhohlwa, ulahlekelwa yibhalansi yakho yobuKristu. Ungeke washo ukuthi ungowangaphi. Uthi, “NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. Yilokho engikwaziyo ngakho. NgiyiPentecostal. Ngiyilokhu, lokho, noma okunye.” Bhekisisa! Lokho kungahle kusho ukuthi isayini yesifo ikhombisa kuwe, ukuthi unesinye isifo sokukhohlwa sokomoya.

112 Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, ngi—ngikhohlwa lokhu, futhi kul’khuni ukuba ngi—ngi...” Manje awume umzuzu nje. Uma uNkulunkulu ethembisa ukwenza lezizinto, futhi wathi ziyoba sezinsukwini zokugcina, nesivumokholo sakho siyokuvimbela kukho, leyo yisayini enhle engingabona ngayo isayini yesifo esiphezu kwakho. Yisifo sokukhohlwa sokomoya. Usukhohlwe ukuzibandakanya wena uqobo neZwi.

113 Wena uthi, “Angikholwa ukuthi abagulayo bayaphiliswa.” Unesifo sokukhohlwa sokomoya.

114 Wena uthi, “Angikholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgewele.” Isifo sokukhohlwa sokomoya!

115 Wena uthi, “Angi—angikhohlwa ukuthi uNkulunkulu wethembisa ukwenza lezizinto ngezinsuku zokugcina.” Khona-ke ulalele isivumokholo, noma enye imfundiso, esikhundleni seBhayibheli. Unesifo sokukhohlwa sokomoya. Awazi-ke ukuthi ungowangaphi. Uvuma ukuthi u, “ngumKristu,” futhi uphika iZwi. Kukubuyisela ngqo esifweni sokukhohlwa sokomoya futhi, uyabo, awazi ukuthi umiphi. Unesifo sokukhohlwa sokomoya. Awukwazi ukuzibandakanya nemiBhalo.

116 Ufanele ube nabafundi. Ufanele ube nawo wonke umBhalo, neBandla ngenkathi lithunywa. Kodwa, manje, ngenkathi iBandla lithunywa, “Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayeke iVangeli; lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” lokho kwakungukuthunywa kwalo. Manje bane. . . Lokho kwakungukuthunywa.

117 Kodwa bathole udaba olubi lwalesisifo sokukhohlwa sokomoya, njengoEva nje wafika e. . .kuye, macala onke ngasensimini yonke, ngoluny’usuku. Manje ufana noIsrayeli, ephethwe yilesisifo esifanayo, ukuguliswa wuhlobo lokudla okukhethiweyo kwasekholiji okuyokunika isifo sokukhohlwa sokomoya. Uthola uhlobo lokudla okukhethiweyo kwasekholiji, futhi uyothola ukuguliswa yikho, bese kuthi-ke, into yokuqala

uyazi, uyothola isifo sokukhohlwa ngempela. Awukholwa yinoma yini eshiwo yiBhayibheli.

¹¹⁸ Yileyo indaba ngebandla namhlanje. Yileyo indaba singenakuba nemvuselelo namhlanje. Yileyo indaba ngabantu namhlanje. Bahudulwe kakhulu phezu kwamalahle ayo yonke into, nazo zonke izimfundiso ezigqamileyo ezingachamsela, baze bangazi ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Impela. Alikwazi ukukhumbula iNkosi yalo. Alikwazi ukukhumbula iZwi laKhe. Alikwazi ukukhumbula isithembiso.

¹¹⁹ Lokho kwakuyileyo nje indaba ngoIsrayeli, ngenkathi uJesu efika enkundleni. Abakwazanga ukukhumbula, ukuthi, “Intombi iyokhulelwa.” Abakwazanga ukukhumbula ukuthi uMose wathi, “iNkosi uNkulunkulu wenu uyakuvusa umProfethi onjengaMi.” Babenesifo sokukhohlwa sokomoya.

¹²⁰ Yilokho impela ibandla elinakho namhlanje. Wathi, “Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina,” ukuthi lezizinto ziyokwenzeka, esizibona zenzeka, nebandla lihlala nje libe ngelife njengelesumi nambili nqo. Yini na? Isifo sokukhohlwa sokomoya. Sizibiza ngePhentekoste, futhi asikwazi ukukhomba, futhi asikwazi ukuzikhomba thina eZwini uma Selifinyelele emandleni okuvuka kukaKristu; naYe lapha phakathi kwethu, ekwenza, futhi lenza khona impela Athi Liyokwenza. Manje-ke, bhekisani, inqubo yehlelo lethu isifake esifweni sokukhohlwa sokomoya. Siyagula. Asazi ukuthi singabangaphi. Omunye uthatha amaphepha akhe asuke *kulelibandla aye kwelinye* ibandla, *nalelibandla*, *nalemfundiso egqamileyo naleyomfundiso egqamileyo*. Niyabo?

¹²¹ Esikudingayo, futhi, omunye uAmose ukuba afike enkundleni, eno ISHO KANJE INKOSI. Besingamemukela na? Ciske njengoba benza. Abazange bamemukele. Bebengemamukele namhlanje. Ubengeke alifaka ikhanda lakhe endaweni, kul’khuni, ukuba ashumaye. Manje, lokho kunjalo impela, ngoba ibandla liphethwe yilesi sifo sokukhohlwa sokomoya.

¹²² Manje, ngani na? UNkulunkulu wethembisa ngalolu izinsuku zokugcina, “Lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa,” ngokukaLuka, isahluko 17, “ngesibonakaliso esasenzeka eSodoma, siyokwenzeka futhi.” Nabantu bayasibona senziwa, nabanye babo abasikholwa ngisho. Bacabanga ukuthi kungukufunda umqondo. Bacabanga ukuthi ngumoya wedemoni. Kuyini na? Baphethwe yisifo sokukhohlwa sokomoya. Kunjalo impela. Abakwazi ukuqonda iNkosi. “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ayeyikho ngaleyonkathi, Uyikho manje.

¹²³ Kodwa, okwenzekile, nje ngeke sisazibandakanya neZwi. Ngani na? Lona, alazi noma liyidlangala noma ngabe liyibandla. Alifuni ukubizwa ngedlangala, futhi lingeke labizwa ngebandla;

ngoba, ukubizwa ngebandla, belingabandakanywa noKristu lona uqobo. Lokho kulinika isifo sokukhohlwa sokomoya. Futhi alifuni ukubizwa ngedlangala. Ngakho alisilo ibandla lePhentekoste, ibandla leMethodisti, ibandla leBaptisti; liyidlangala lePhentekoste, idlangala leMethodisti, nedlangala leBaptisti, ngoba lingeke labandakanywa neZwi. Futhi uma iZwi libonakaliswa, asalokhu engaLikhohla. Yisifo, isifo sokukhohlwa sokomoya. Awakwazi ukuzibandakanya; awazi ukuthi angawangaphi. Kunjalo.

124 Kufana impela nje njengokubhastelisa into ethize. Njengoba kaningi bengithi, “Njalo ngangicabanga ukuthi enye yezinto eziyizimungulu kunazo zonke esengake ngazibona kwakungumnyuzi.” Niyabo, ungobhasteliwe. Niyabo, unina wayeyihashi lensikazi, uyise wayeyimbongolo, futhi awazi ngisho nokuthi ungowangaphi. Nento yokuqala niyazi, wena uzo, u—ungawuzalanisa bese uthola imbongolo, bese kuthi-ke...noma uthole umnyuzi, kodwa umnyuzi ungeke waphinde uzizale futhi. Niyabo, awakwazi. Ungeke wawufundisa lutho. Unekhanda elilukhuni. Awusoze wawutshela noma yini...Ungabeka lawomadlebe amade amakhulu. Futhi uyoma kuze kube lusuku olude kunazo zonke lwempilo yawo, ngaphambi nje kokuba ufe, ukuba ukukhahlele. Yilokho kuphela. Njalo ulinde into ethize ukuba uyiqhumisele kuwe, uma ungapumelela.

125 Nalokho kungifaka emqondweni wenqwaba yamaKristu abizwa ngabhasteliwe. Abhastelise ibandla aseze athola isifo sesifo sokukhohlwa sokomoya. Awakwazi ukuphinde azale lutho futhi.

126 Bakhuluma ngohlamvu olubhasteliwe. Uhlamvu olubhasteliwe alulutho. Kuyinto embi kunazo zonke owake wayifaka emlonyeni wakho, noma yini ebhasteliwe. Yingalesosizathu ufanele uthathe lezizitshalo zesihlumelisa-mbewu, nezinto ezibhasteliwe, bese usifutha bese usinyanga bese usitotosa. Ngani na? Ngoba abakwazi ukuvimbela izilwanyakazana zingezi kuso.

127 Kodwa esangoqobo, sohlobo, awudingi kubeka sibulalanambuzane kuso. SinaMandla phakathi kwaso, ukuvimbela izilokazana zisuke kuso. Kuthatha lokho-ke ukuvimbela izilokazana zokungakhohla zisuke endodeni yangokoqobo ngempela egcwaliswe ngoMoya.

128 Thatha umnyuzi omdala, futhi uhambe ukhulume nawo, uthi, “Awusho, mfana, ngifuna wenze *lokhu, lokho*.”

129 Uyohlala lapho, “Wo! Wo! Wo!” Lawomadlebe amakhulu esebenza ehla enyuka. Ngibone i—inqwaba yamaKristu ethi ayibe njalo, ebizwa kanjalo.

130 Wena uthi, “UJesu Kristu nguyena izolo, naphakade. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohlayo.”

¹³¹ “Hhe? Ngikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Hhe? Hhe? Hhe?” Niyabo, awazi ukuthi yini oyikholwayo. Awazi lutho. Awazi lapho ovela khona; awazi lapho oya khona. Unesifo sokukhohlwa kwamahhashi. Awazi lapho ovela khona, futhi awukwazi ukuqhubekela phambili.

¹³² Kodwa ngithanda elohlobo lwangokoqobo. O, lithobile. Ungakhuluma nalo. Liyazi ukuthi kwakungubani ubaba walo, ukuthi kwakungubani umama walo, ukuthi kwakungubani umkhulu nogogo walo. Linamaphepha ohlobo ukukhombisa ukuthi livelaphi.

¹³³ Futhi ngiyamthanda umKristu wohlobo, ongahamba yonke indlela ebuyela eZwini likaNkulunkulu, kuya osukwini lwePhentekoste, futhi bazibandakanye lapho nabangcwele, lapho Amandla kaMoya oNgcwele ehlela phezu kwabo. Lowo ngumKristu wohlobo. Uyazi lapho evela khona. Akabandakanywa neMethodisti, iBaptisti, noma nalutho olunye. Ukhonjwa eZwini likaNkulunkulu. Wazi impela lapho emi khona. IGazi lobukhosi likaYise ligeleza ngaye; iGazi likaJesu Kristu. Uyazi ukuthi Lenzani! Ulikholwa lonke iZwi. UNkulunkulu usebenza ngaye futhi uliqinisa ngezibonakaliso Athembisa ukuzilandela. Akanaso isifo sokukhohlwa sokomoya. Uluhlobo lwangokoqobo. Ngiyakuthanda lokho.

¹³⁴ Kodwa ibandla namhlanje linodaba olubi lwesifo sokukhohlwa sokomoya. Alazi ukuthi lingelangaphi. Selikhohlwe konke ngaLo, lazikhohlwa zonke lezizinto ezilenza iBandla.

¹³⁵ Yini eyasenza saceba kangaka njengoba sinjalo na? Lingene endaweni yaseLawodikeya futhi, labuyela kuleyondawo ecebile njengoba wayenjalo uIsrayeli. Ngenkathi lisempofu futhi lalidingeka lethembe uNkulunkulu ngazo zonke izinto elalingazenza, yonke into elalinayo, lethemba uNkulunkulu; ngaleyonkathi uNkulunkulu wayenalo, futhi lalisemoyeni, futhi laqhubekela phambili. Kodwa ngenkathi liceba, nakhu okwenzekayo: amadolobha abo akhiwa, abesifazane babo baba nesimilo esibi, indoda yabo yasivumela, abashumayeli babo bawisa umgoqo, futhi babajivaza abaprofethi. Nalolo wuhlobo lwesimo abangena kuso. Okwabangela lokho, kwakungukukhohlwa ukuthi lezozibusiso zivelaphi.

¹³⁶ Nani maMethodisti, nani maBaptisti, nani maPresbyterian! Nina maMethodisti ningamkhumbula uJohn Wesley. Nina maBaptisti! NoJohn Smith wayezikhalela izinyembezi izindaba zabantu umkakhe wayeze adingeke amholele etafuleni, amehlo akhe lalivalekile livuvukele, ngenxa yokukhala futhi ekhuleka ubusuku bonke gulukunqu. Yin’indaba na?

¹³⁷ UJohn Wesley wathi enye yezinto ezinkulu...Ngikholwa ukuthi kwakungomunye wobaba beMethodisti basekuqaleni wathi, “Ihlazo lamadodakazi ebandla leMethodisti,

lalingukuqala ukungenwa yizwe kakhulu, ayefaka izindandatho emnweni wawo.” Ubengathini manje, egqoke izikhindi na?

138 Kwenzekani na? Isifo sokukhohlwa sokomoya. Kuyilokho impela, nikhohlwe lapho nivela khona. Ninazo zonke lezizinto ngoba ukupa kukaNkulunkulu, ububele bakwenza kini.

139 Nicabanga ukuthi lena yinto exakile na? Ikanye noMoya kaJesu Kristu impela, ukuprofetha. ESambulweni, isahluko 3, kwathi, “Ngoba uthi, ‘Ngicebile, kangisweli lutho,’ kanti kawazi ukuthi ungompofu, ophuphuthekile, olusizi, owokuhawukelwa, ohamba-ze, kanti kawazi” Niyabo, kawazi! Kuyini na? Isifo sokukhohlwa sokomoya. Kabazi.

140 Amabandla seline—nemali manje. Akukho-bandla, cish’impela, ezweni, lehlelo, elingenazigidi eziphindwe kazigidi zamadola. Akha izigidi ngezigidi zamadola ezakhiweni nezinto, futhi eshumayela ukuthi ukuFika kweNkosi sekuseduze. “‘Licebile,’ futhi lathi, ‘Kangisweli lutho.’” Abashumayeli abafundile ababedlula bonke abake baba nabo, bazi kakhulu ngesayense yezenkolo kunoma bake bazi. Futhi banezakhiwo ezinkulu kunazo zonke, izindawo ezedlula zonke eziqokiweyo edolobheni. Banelungelo kunoma yini abafuna ukuyenza. Futhi manje—ke benzani na? Bathola isifo sokukhohlwa sokomoya futhi bakhohlwa ukuthi kwakunguNkulunkulu owenze lokho enzela bona, njengoIsrayeli nje.

141 NeBhayibheli laprofetha, uJesu Kristu wathuma ingelosi yaKhe kuJohane yayisithi, lonyaka webandla wokugcina uyoba nalesisifo sokukhohlwa sokomoya. Babe “lusizi,” khumbulani. Bacabanga ukuthi bakhulu. Bacabanga ukuthi banotho. Kodwa Wathi babe “ngabokuhawukelwa, belusizi, bempofu, bepuphuthekile, behamba-ze, futhi babengazi.” Futhi ayikho indlela yokubatshelela.

142 Manje, ukuba owesilisa ubephandle lapha emgwaqeni, enze ihlazo, noma owesifazane, ehamba-ze, emgwaqeni, ephuphuthekile, lokho bekungaba yisimo esidabukisayo ukuba kulesosimo. Kodwa manje—ke ukuba babesile engqondweni yabo, futhi bazi ukuthi babengobani, ukuthi babeyisidalwa esingumuntu, futhi bafanele bagqoke izingubo; awu, wena uphumele lapho; ba—bayizidalwa ezingabantu, bafanele ukubandakanywa nesintu; naphandle lapho, “elusizi, engawokuhawukelwa, ephuphuthekile, futhi ehamba-ze.” Bese uya kuwe, uthi, “Mfowethu, uhamba-ze.”

143 “Manje, lapha! NginguDokotela uS’bani-bani! Naka owakho nje umsebenzi. Ngiyakutshela, ngingokaS’bani-bani! Awunamsebenzi, wena mgingqiki ongcewele, ukungitshela lutho!” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

144 Batshele, “Akulungile ukuba indoda yenze lokhu, nakubantu ukuba benze izinto abazenzayo.”

145 Futhi bayokwazisa ukuthi umshumayeli wabo unomqondo obanzi. Niyabo? Kuyini na? Kungukuthi, sebeyikhohliwe imiyalo yeNkosi uJesu. Bese-ke uMehlisa futhi enze izibonakaliso nezimanga Athi Uyozenza, abafuni ukukukholwa. Yisifo sokukhohlwa sokomoya. Niyabo, sebekhohliwe! Futhi bahamba-ze, kanti abazi, abakuqondi.

146 Bacabanga ukuthi, “Ngoba nje ngingowesonto, yilokho kuphela okudingekayo.” O, mfowethu, lokho akusho lutho kuNkulunkulu kunokuba nguMason noma yini enye, noma yiliphi elinye idlangala. Ukuba ngowesonto, lokho akuthi shu kuNkulunkulu.

147 Nifanele nibe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Nifanele nizalwe nguNkulunkulu, noNkulunkulu uyiZwi. Ngenkathi ngiba yingxenye kababa wami, ngiba ngubaba wonke. Uma uba yingxenye kaNkulunkulu, uba nguNkulunkulu, ngokugcwele. IZwi laKhe lonke, ukukholwa konke okwaLo.

Isifo sokukhohlwa sokomoya!

148 Ukuba-ke ubungalazi igama lakho ukuthi laliyilelo eliyilo na? Futhi uma unjalo, uyovela emndenini okahle, engithemba ukuthi wavela kuwo, uma uvela emndenini okahle wabantu, futhi uma-ke ukhohlwa yigama lomndeni, futhi uphume lapha, uphila ngehlozo na? Bathi, “Igama lakho awusuye uJones,” kumbe noma lalingubani. “Awu, angazi ukuthi ngangingubani.” Niyabo? Kulungile, niyabo, leyo yinto esabekayo ukuba yiyo, isimo esesabekayo ukungena kuso.

149 Awu, yilapho-ke nje ibandla eselifike khona. Lifanele ukuba ngelimele uJesu Kristu. Kodwa selikukhohliwe lokho, ngoba line, lijovelwe kukho, izivumokholo namahlelo, ukuthi bemukele lokho esikhundleni seZwi. “Futhi bahamba-ze, baphuphuthekile, abokuhawukelwa, kanti kabazi,” futhi ayikho indlela yokubatshelela.

150 Ngingahle ngingaphinde ngibe seBirmingham futhi, kodwa lesi yisikhathi esisodwa abazokuzwa ngaso. Niyabo? Niyabo? Kunjalo. Nje ngi. . . Angibophezeleke ngalutho kodwa ukuhlwanyela iMbewu. UNkulunkulu uYiqondisa emhlabathini lapho Efanele iye khona.

151 Bakhohlwa, yebo, bakhohlwa yiZwi lesithembiso. Bakhohlwa. UIsrayeli wayekulolohlobo lobucayi ngenkathi uJesu efika. Wayesekhohliwe. Babuka, o, bathi babekholwa ukuthi kuza uMesiya. Kodwa ngenkathi uMesiya efika futhi wazikhomba Yena uqobo ngeZwi, babenamasiko amaningi kakhulu baze benza iZwi likaNkulunkulu laba yize.

152 Futhi uJesu wethembisa, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela, “Njengoba kwenzeka eSodoma, kwakuyoba njalo.” Futhi kwakuzoba ngokukhonjiweyo, nabantu bangenwe ngamasiko kakhulu sebeze benza isithembiso sikaNkulunkulu

saba yize, ngesiko labo. Isifo sokukhohlwa sokomoya! Isifo sokukhohlwa sokomoya yilokho esiyikho. Niyabo, sebezikhohliwe lezizinto.

¹⁵³ “O, ngingowalokhu. Nge—ngenze lokhu. Ngisine eMoyeni. Ngenza lokhu.” Awu, he, he, lokho akuhlangene nakho, lutho nhlobo.

¹⁵⁴ Ungaba kanjani ngumKristu bese uphika iZwi na? Ungeke wakwenza. UNkulunkulu uyiZwi. Futhi uma iZwi likuwe, wena neZwi niyafana. Konke iZwi eliyikho, uyikho. Amen. Uma ngiphila kulesisizukulwane, lengxenye yeZwi ekwethembisele lesisizukulwane, ngifanele ngibe yilokho. Uma ngizoba ngumKristu, ngifanele ngibandakanywe nakho konke lokho iBhayibheli elikushumayelayo nelikumelayo.

¹⁵⁵ Haleluya! Nizongibiza ngomgingqiki ongewele, noma kanjani, futhi ngizizwa ngigcwala ukholo njengamanje. Yebo, mnumzane.

¹⁵⁶ Ngifanele ngibandakanywe nayo yonke into leloBhayibheli eliyibizayo. Futhi Linikeza ukubiza kwalo, futhi, uma ngingakashaywa yilesisifo sokukhohlwa sokomoya sosuku lwesimanje, ngizobandakanywa futhi ngingabandakanywa naLo. Uma ngiLiphika, khona—ke nginesifo sokukhohlwa sokomoya; ikhona into eyenzekile, ngivume isivumokholo noma imfundiso, noma ibandla elithize noma iqembu lendoda. “Ngeke ngakwenza,” nxa namanje iZwi lifika futhi Lizibandakanye.

¹⁵⁷ Yingakho uJesu engaqondwanga. “O,” bathi, “awu, lendoda ingewele, nompristi wethu ongewele, lokhu kwethu okungewele.”

¹⁵⁸ NoJesu wathi, “Nina ningabakayihlo, udeveli, futhi niyakwenza imisebenzi yakhe.”

¹⁵⁹ Benazi ukuthi uKayini wanikela ngomhlatshelo omuhle, naye na? Wayeqotho, wakha ialtare, waguqa phansi futhi wakhonza, futhi wanikela ngomhlatshelo, futhi wakhuleka kuNkulunkulu. Futhi uma, uNkulunkulu, kuyilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo, ngokuba wena ube ngowesonto futhi une altare, futhi uthela izishumi zakho futhi uye esontweni, nokuba uphile impilo enhle; uma kuyilokho kuphela Akudingayo, Wayengenabulungiswa ukuba alahle uKayini, ngoba wenza into efanayo. Yebo, mnumzane. Kunjalo impela.

¹⁶⁰ Kodwa inkolo ichaza “isembozo,” futhi ungeke wambezwa yimisebenzi emihle yakho uqobo. Yinye kuphela into uNkulunkulu ayoyemukela, nalelo yiGazi likaJesu Kristu. Yilesi kuphela isembozo. Ngaphandle kwaLokho, uma uthi, “Gcina isivumokholo,” isifo sokukhohlwa sokomoya! Yilokho okwenzekayo.

¹⁶¹ Manje qaphelani, sebelikhohliwe iZwi. Sebelikhohliwe iBhayibheli. Sebesikhohliwe isithembiso. Bazama ukuphila

ekubenyazeleni okuxhopho amehlo kwalokho iMethodisti eyayiyikho, lokho iBaptisti eyayiyikho, lokho omunye umuntumumbe ayeyikho. Nasi isithembiso sosuku, noNkulunkulu eLikhuluma ngeZwi laKhe, futhi eqinisa futhi futhi efakazisa ukuthi Linjalo, futhi basalokhu bengalikhulwa. Isifo sokukhohlwa sokomoya! Kunjalo impela. Isifo sokukhohlwa nya, nya, ngokoqobo abalikhulwa nhlobo.

¹⁶² Isosha laseFransi. Ngaxoxelwa indaba encane; singakavali. Bengingazi ngisho nokuthi besekuleyithi kangako, futhi nginamakhasi cishe ayishumi amanothi lapha asele; ngikuthola ngesinye isikhathi esithize. Qaphelani, isosha laseFransi. Banesigejane samasosha aphakathi avela embuthweni, futhi babenalesisifo sokukhohlwa. Sivela ekwethukeni, empini. Futhi babenohlalo, futhi ba—babizela enhla futhi badedela abantu ababenabathandekayo abalahlekile ukuba babizwe futhi babone ukuthi babengabakhomba yini lababafana. Kungekho-themba ngabo, mhlawumbe oyedwa noma ababili, kukho, bakubamba. Base—ke bebathatha bonke abanye babo, babezobafaka kwezempilo, lapho ababezohlala khona konke ukuphila kwabo.

¹⁶³ Babenyuka ummango, isitimela sidonsa; base bema esiteshini, badedela abafana baphuma base belula imilenze yabo. Nogadi base bephumela egqumeni, ukuba babaqaphe, ngoba babenesifo sokukhohlwa, ngani, ba—babefanele babaqaphe.

¹⁶⁴ Ngakho baqaphela oyedwa umfo osemncane lapho, waphuma wayeseqala ukuqalaza lelothangi lamanzi, waqalaza ndawo zonke phezu kwegquma. Wahlikihla ubuso bakhe, wayesetadisha. Wabuye wabuka futhi, wayeselibona lelothangi lamanzi. Waqalaza ndawo zonke esiteshini, wayeseqala ukuhamba. Esikhundleni sokuba ugadi ammise, wamlandela.

¹⁶⁵ Wakhuphukela ngaphezu kwegquma, wehla ngendlela encane yezinyawo, waphendukela ngakwesokudla wayesekhuphukela phezu kwelinye igquma elincane, wayesefika endlwaneni encane yezingodo. Wabuka. Ophumela egosini, ikhehla nekheyini esandleni salo, liyaphuma lase limgaxa ngezingalo zalo. Lathi, “Ndodana yami, bengazi ukuthi uyobuya. Bangitshela ukuthi sewafa, kodwa bengazi ukuthi uyobuya.” Nomfana kwathi dwe kuye. Isifo sokukhohlwa sasuka kuye. Wakwazi ukuzikhomba ukuthi wayengubani. Wazi ukuthi lowo kwakunguyise.

¹⁶⁶ O, sosha lesiPhambano, elethuswe ngokuningi kakhulu ukuqeqeshwa, okuningi kakhulu ukwethuswa yihlelo nesivumokholo, nezinto zezwe, awehli ngani nje imizuzu embalwa bese uhamba uqalaza eBhayibhelini na? Ungahle uzulazule, futhi ungahle uzithole usukhonjwa lapha eZwini, njengekholwa, ngolunye lwalezizinsuku. Ungahle ungaMazi.

Kungahle kuthi dwe kuwe uqobo, njengoba kwenza indodana yolahleko, futhi uzithole wena uqobo. Ungahle uyithole inkomba yakho emaZwini kaNkulunkulu.

¹⁶⁷ Omunye wathi, ngoluny'usuku, kungekudala, wathi, "Kodwa, Mfowethu Branham, buka thina bantu bePentecostal, ukuthi akahle kanjani amabandla esinawo. Ngani, thina, sinabefundisi oqeqeshiwe."

¹⁶⁸ Lalelani, uma indoda iganwa ngumfazi, ayethembeli ebuhleni bakhe. Qhabo. Ithembela ekwethembekeni kwesifungo sakhe, izwi lakhe. Ayethembeli ebuhleni bakhe. Yethembela ekwethembekeni kwakhe.

¹⁶⁹ Futhi yileyondlela uma ugana uNkulunkulu, awethembeli ebandleni elithize elihle elikhulu ongalakha, kodwa esithembisweni uJesu asenza, ukuthi, "Nginguyena izolo, namuhla, naphakade." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."]

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

¹⁷⁰ Ngiyamangala, kulobubusuku, endlini lapha lapho abantu behlezi khona, lapho kunabesilisa nabesifazane abaPhakade, abantu abaqonde ePhakadeni, futhi niyazi ukuthi sukulumbe noma olunye uzofanele uhlangane noNkulunkulu. Futhi ngiyamangala uma ubunokuphefumula okuncane kwalesosifo sokukhohlwa, futhi ubunga...Ukhonjwe entweni engesiyo, futhi ubunga—ubungathanda ukuthi ukuzulazula wedlule, kulobubusuku, futhi uthole ukuthi ungeke wakhonjwa kuKristu Jesu na? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, ngi—ngifuna ukukhonjwa njengomKristu wangempela, ikholwa langempela." UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu anibusise. Busiswani! O, yebo, le ndawo zonke. INkosi inibusise.

¹⁷¹ Omunye umuntu phezulu kuvulande osesitezi, wena uthi, "Mfowethu, ngikhohlwa ngempela ukuthi lelo yiQiniso. Ngiyakholwa, njengamaKristu, asisiwo amaKristu njengoba babevame ukuba yiwo iminyaka eyadlula."

¹⁷² Kuthiwani ngani bantu bePentecostal, ngenkathi onyoko noyihlo bevame ukuma emgwaqeni phandle lapha futhi bashaye isigujana esidala itamborini. Nonyoko, ukuthi wayedingeka kanjani ukuba a...wayekhandleka, futhi azabalaze nani bantwana abancane. Ngezinye izikhathi nanize nihambe ningenazingubo, nakho konke okunye, kodwa ubabayi nonyoko wayethembekile esiSuseni, ukubambelela kuKristu.

¹⁷³ Bukani ukuthi nina bantu bePentecostal nenzani. Iminyaka engamashumi amahlanu edlule, niphuma ehlanganweni. Yilokho okwenza wena Phentekoste, wazehlukanisa wena uqobo nongakholwayo. "Futhi njengengulube ekuzibhixeni kwayo, nenja ebuhlanzweni bayo," nibuyele emuva ngqo nase nenza okufanayo, nenza uhlobo olufanayo lwemfucumfucu eniphuma

kuyo. Yin'indaba na? Isifo sokukhohlwa sokomoya saqhumuka phakathi kwabantu. Ninezivumokholo zenu namaphepha enu amahlelo manje, futhi niphezulu ngqo nabo bonke abanye, nifuna ukuba nabo bonke abanye. Nivumele abesifazane benu bagunde izinwele zabo, bafake upende. Nina, nibavumela benze zonke lezizinto, nivumela zonke lezizinto e—emabandleni. Kuyini na? Isifo sokukhohlwa sokomoya.

¹⁷⁴ Manje—ke, into yokuqala niyazi, uma uNkulunkulu eqala ukuvakasha phakathi kwabantu, kwenzekani—ke na? Ningekwamukele. Niyabo, kade nigula kakhulu ninalesosifo sokukhohlwa, niyabo, into kuphela enake nayizwa. Awucabangi ukuthi ubufanele wehle kulesosivumokholo imizuzwana embalwa nje bese ucosha iBhayibheli, bese ubona ukuthi umKristu ufanele ukukhonjwa kanjani na? “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo!”

¹⁷⁵ Izenzo, uPetru wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono, khona niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele; ngokuba isithembiso singesenu, nesabantwana benu, nesabo bonke okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Uma benitshela ukuthi Lokho akunjalo, khona—ke umelusi wenu unodaba olubi lwesifo sokukhohlwa sokomoya. Angeke azithola ebandakanywa naleloBandla; hhayi inhlango; iBandla, uMzimba kaKristu ofiphele.

¹⁷⁶ Manje uMoya oNgcwele ulapha. Ulapha ukwenza khona impela nje Athembisa ukukwenza. Manje niselapha namakhanda enu ekhothome, qhubekani nje nikhuleka. UMoya oNgcwele awukhulume, qobo lwaWo. Futhi kubonakale ukuthi ngabe lokhu... Noma ubani uyakwazi lokho, isithembiso, ukuthi singesani ngalolusuku. Manje wena odingayo, kulobubusuku, wena, abaningi benu niphakamise izandla zenu. Ningakakwenzi lokho... .

¹⁷⁷ Angazi noma, siselapha futhi ngempela sikhulekela abagulayo, angazi noma beningasuka kulokho kungakholwa, lelohlelo, lesosivumokholo esinitshela ukuthi lezizinto azinjalo, lowo onganitshela ukuthi Ngokukadeveli. Uma benza lokho, “Abasoze bathethelelwa, kulelizwe noma ezweni elizayo.” Uma—ke Leli bekuliQiniso na? Cabangani nje, uma kuyiLo, manje—ke nikuphi na? Niyabo, anidingi ukuba nikukhulume kuzwakale; kukholweni nje enhliziyweni yenu. Futhi kunabantu lapha abakukholwayo lokho. Ngihlale khona lapha, ubusuku obubili obedule, ngisebenza ngokushikashikeka phansi kwento ethize, nje, he, ngibamba futhi ngiluma ulimi lwami, ukuba ngingakuphimiseli ngqo.

¹⁷⁸ Futhi khumbula, mngani, kuphakathi kwakho noNkulunkulu. Uma—ke kuliphutha, futhi nicabanga lokho na? Niyakwazi okwenzekayo, anisoze nathethelelwa ngakho.

Isifo sokukhohlwa sokomoya, niyohamba niqonde ngqo ekufeni kwenu okuPhakade, ukungakholwa. “Ongakholwa uselahliwe vele!”

179 Manje khulekela ukugula kwakho, uthi, “Nkosi Jesu, Wethembisa. Ngi. . .”

Kungahle kube nezinye izihambi lapha, esingakaze sibe lapha ngaphambili.

180 UJesu wethembisa, “Njengoba kwenzeka,” ngizothatha umBhalo owodwa, “ngemihla kaLoti,” ngenkathi uNkulunkulu ebonakaliswa emzimbeni wenyama; nabantu, uAbrahama, iqembu elikhethiwe, iqembu elibizelwe ngaphandle. Negama likaAbrama lashintshwa laba nguAbrahama, wabe-ke esebona iZwi lenziwe inyama, futhi Lehlulela imicabango owawusenhliziyweni kaSara.

181 Futhi ngenkathi iNzalo kaAbrahama yobuKhosi ivela, yilokho Eyakwenzayo, futhi baYibiza ngo “develi.”

182 Wathi, “Manje nxa uMoya oNgcwele ufika, uyokwenza into efanayo.” Wathi, “Manje kunokuthethelelwa uma niNgibiza ngalokho, kodwa, uma nikhuluma ngokumelana noMoya oNgcwele, ayikho intethelelo.”

183 Manje kwangathi Yena, eMandleni aKhe, angeza adabule kulezizethameli zabantu, noma ngabe nikuphi, nanokubona kwaKhe okufihlakele kokomoya kukhombisa ukuthi UyiZwi. Ukuze kuthi uma ekhona lapha ophethwe yisifo sokukhohlwa, ukuthi abazuku. . . akuzukuba nezaba, ngaphambi kokuba leli altare lenziwe.

184 Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingasiza. Manje amakhanda enu ekhotheme, ngenhlonipho yokuzithoba nikhuleka.

185 Niyabo, kunenenekazi elihlezi lapha phambi kwami. Liphakamisele izandla zalo ebusweni balo. Liphethwe yisimo somgogodla. Kanti futhi linokugula kwemizwa. Linenkathazo yesisu. Futhi lihlezi lapha phambi kwami manje. Futhi ukuze lazi, alisilo elakulelizwe. Lingelasedolobheni elithiwa yiMacon. Ya. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? UnguNkosazana Ayers. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngiyisihambi kuwe. Lelo yiqiniso, akusilo na? Manje inkathazo yakho isiphelile. UJesu Kristu; wena uthinte ingubo yaKhe. Ukusindisile. Manje kukholwe nje.

186 Kunendoda ehlezi kwingemuva lendlu. Ifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ifuna umbhaphathizo ngoMoya. Imi lapha phambi kwami. Ayisiyo eyalapha, nayo. EyaseCarolina, eCharlotte. Igama layo nguLepoe. Kholwa ngayo yonke inhliziyu yakho, noNkulunkulu uzokugcwalisa ngoMoya oNgcwele, mfowethu—wethu, uma uzokukholwa.

187 Lapha, ngapha kwesokudla sami, nansi i—indoda nomkayo behlezi ngqo khona phambi kwami lapha. Yizithandani

ezindala, ngakwesokudla sami. Inenekazi liphethwe yisimo senanzi. Umyeni walo unenkathazo yenhliziyu. Abasibo abalapha. BangabaseTennessee. Mnu. NoNkk. Thomas, uma nizokholwa ngayo yonke inhliziyu yenu, phakamisani izandla zenu futhi ningakwemukela ukuphiliswa kwenu. UJesu Kristu uyanisindisa. Yilokho impela Athembisa ukukwenza. Kodwa angikaze ngibabone abantu empilweni yami.

Isifo sokukhohlwa sokomoya!

¹⁸⁸ UJesu wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngi,” isabizwana somuntu, “Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

¹⁸⁹ Manje, kwabesilisa nabesifazane phakathi lapha, eninento nje engalungile ngani, kalula nje eningeke nabona ukuthi kanjani... Nina, nifuna ukukholwa, kodwa anikwazi nje ukungena kuyo, futhi ningathanda ukukhulekelwa, nifuna ukuMemukela nisesoBukhoni baKhe, ningeza futhi nime khona lapha ngakimi, ngikhuleke futhi ngibeke izandla phezu kwenu. Uma ningakhuphukela khona lapha manje, wena ogula kanjalo, unesifo sokukhohlwa sokomoya, futhi ufuna ukukhulekelwa, ukuthi uzokhululwa kulokho. Uma ungesilo i—silo ikholwa, kodwa ufuna ukukhulekelwa, yenyukela lapha bese uma. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Omunye futhi ozayo na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Woza. UNkulunkulu akubusise, ntombi. Omunye futhi ozayo na? Woza, ume khona lapha, njengamanje.

¹⁹⁰ Isifo sokukhohlwa, angifuni ukuhlushwa yilokho. UNkulunkulu angavumi. Mangi—mangife ukufa kwa—kwanoma yini, kodwa mangingakufi neze lokho kufa njengongakholwayo.

¹⁹¹ Wozani, Memukeleni manje. Ningekwenze na? Wozani nivela, futhi nehle niphume kuvulande osesitezi, bangani. Yizinyathelo ezimbalwa nje phansi lapha, futhi kungahle kusho umehluko phakathi kokufa nokuPhila, kuwe.

¹⁹² Bukani, ngeke ngamenza uKristu engenzi lutho. UKristu akadingi kwenza noma yini kodwa into eyodwa: Uzofanele aligcine iZwi laKhe. Ufanele akwenze lokho ukuze abe nguKristu, abe nguNkulunkulu. Ufanele aligcine iZwi laKhe.

¹⁹³ Manje khumbula, uma ungaqinisekile ngesehlakalo sakho, awehli ngani manje. Uma nje ungowehlelo, uma ungumzukulu wePentecostal, uNkulunkulu akanabazukulu. Unamadodana namadodakazi, kodwa akanamadodana—namadodakazi angabazukulu. Niyabo? UNkulunkulu akanakho lokho. Unamadodana namadodakazi nje, futhi niyazi ukuthi anisiwo.

¹⁹⁴ Mhlawumbe ukhulume ngezilimi, ungahle ukuba usinile, ungahle ukuba wenze konke *lokhu*. Lokho kulungile. Angimelene ngalutho nakho. Kodwa nokho uma nisalokhu

ninalesosifo sokukhohlwa sokomoya, yehlani, futhi nize lapha futhi nime lapha. Asikhuleke ngaso. Uthini na? Lunga lebandla, ilunga lebandla eliyilo ngegama nje—nje, awenyukeli ngani lapha futhi sisiqede khona manje.

¹⁹⁵ Angifuni ukushiya iBirmingham lapha, futhi ngazi ukuthi suku-lumbe, uma sekukhuphuka ukwaHlulelwa, futhi ngizofanele ngime—ke phambi kwenu... Khumbulani, ngizohlangana nani futhi. Uma ngingahlangani nani neze lapha kulokhu, noma ngizohlangana nani ekwaHluleleni futhi ngizofanele ngiphendule ngalokho engikusho kulobubusuku.

¹⁹⁶ Manje lalelani. Phendukani, bangane! Phendukani, phumani kukho. Phumani lapho. Wozani manje.

¹⁹⁷ Lokho bekufanele kwenze wonke owesifazane ophungule izinwele kulelizwe, noma lendawo, enyukele lapha manje. Lokho kulunge impela. Lokho, ukuthi awunawo umusa owenele ukuba ngempela uthi, “Ngi—ngi—ngi—ngiyafuna, ngifuna ukuyeka izinwele zami zikhule, Mfowethu Branham.” Bekufanele... “Ngine... Awu, anginawo umusa wokukwenza.”

Ngani, wena uthi, “Lokho kukhona okuhlangene nakho na?”

¹⁹⁸ Lapha kungekudala, umfundisi omkhulu ngempela uza kimi, wayesethi, “Ngifuna ukubeka izandla phezu kwakho, Mfowethu Branham.” Wathi, “Won’umuntu ukuthatha njengomprofethi.”

Ngathi, “Angizange ngithi ngangingumprofethi.”

¹⁹⁹ Wathi, “Kodwa abantu bakuthatha ngokuthi uyilokho. Njalo udabula labo besifazane, ngokugqoka izikhindi,” futhi—futhi, o, indoda eyiPentecostal. Wayesethi, “Ngokugqoka izikhindi, nokuphungula izinwele zabo, nezinto.” Wathi, “Lowo akusiwo umsebenzi wakho.”

Ngathi, “Kungumsebenzi kabani—ke?”

²⁰⁰ Wayesethi, “Labobantu, awubafundisi ngani labobesifazane ukuthi babe kanjani, babe neziphiwo zokomoya ezinkulu, futhi basize abantu, esikhundleni sokuzama uku...” Wathi, “Bayakwazisa. Obatshela khona, bayokukholwa.” Wathi, “Awubatsheli ngani ukuthi zitholakala kanjani iziphiwo ezinkulu nokusiza abantu, esikhundleni sokubagxeka njalo na?”

²⁰¹ Ngathi, “Ngingabafundisa kanjani ongwaqa bengeke babafunda ngisho noABC babo na?” Niyabo? Niyabo?

²⁰² Ufanele uqale phansi ekugcineni, uphenduke noma ubhubhe! Manje ungazibonela wena, phenduka noma ubhubhe! UJesu Kristu uzikhombisise Yena uqobo lapha, ubusuku nobusuku. Nalobu ngubusuku ebesiguqukela lensindiso. Ngamanyathelo ambalwa nje phezulu lapha, futhi ngingenqwaba yesikhathi ukuba ngilinde.

203 Khumbula, Birmingham, igazi lakho alikho phezu kwami. Anginacala. Futhi uma ngempela unoMoya oNgcwele, unethuba lokuza manje. Futhi uma uguliswa olunye uhlobo lobusonto olukubangele ukuba ube nesifo sokukhohlwa sokomoya, awuzi ngani na? UJesu uyiselapho. Ungeze na?

204 Manje abanye abantu basuke kuvulande osesitezi. Bengilindele ukubona lapho abebekhona, bephuma noma beza ealtare. Laba phansi lapha, yenyukani nizungeze. Nakho-ke. Nina enilapha, wozani nime nizungeze ialtare, nithi, “Sengiqedile ngalokhu.” Yebo, abeza ehla, amanenekazi amabili. Lokho kuhle.

205 Yenyukani ngqo manje. Amanyathelo ambalwa nje ukusuka kukho. Nalawomanyathelo angahle asho umehluko.

206 Manje, bukani, kukhona engifuna ukunibuzwa khona. Uma-ke Efika kulobubusuku na? “O,” nithi, “Akezi.” Angazi noma Uyeza noma qha. Lesi yisibonakaliso sokugcina. Khumbulani, ISHO KANJE INKOSI! Nike nangizwa ngisho lokho akwangabi yiqiniso na? Nibona isibonakaliso senu sokugcina. Leso singokomBhalo. Nisibonile isibonakaliso senu sokugcina, Phentekoste. Ningatholi ukuxoveka manje yilokho Akwethembisa uSrayeli emva koHlwitho; lowo akusini. Sekuqediwe ngani, ngaleyonkathi. Niyabo? Manje wusuku lwenu. Manje yisibonakaliso senu. Manje yisikhathi senu. NingaSenqabi. Ningakwenzi. Kungcono nize. Niyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Khumbulani.

207 Birmingham, angikaze ngidibane nabantu abanomoya omuhle kakhulu kangaka. Ningabantu abanomoya omuhle odlula bonke ebengingafuna ukudibana nabo empilweni yami, kodwa nidinga imvuselelo. Niyafa. Nithatha isifo sokukhohlwa sokomoya. Niyafa. Ningakwenzi lokho. Vuselelani lokho eninakho. Kukhuphuleni futhi, ngokushesha, ngaphambi kokuba uJesu afike.

208 Kulungile, ngenkathi besa... Qhubekani niza. Badedeleni nje baqhubeke beze size sibathole bonke, iNkosi ebabizayo, phezu lapha. Wozani manje.

209 Siqedeni lesosifo sokukhohlwa. INyanga enkulu ilapha manje ukuphilisa lesa, isisuse kuwe. Ifakazisile ukuthi ilapha. Bangaki abazokhomba lokho, ngokuphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikukholwa ngeqiniso; ukuthi Yathi iyokwenza lokhu.”? Niyabo? Manje ilapha. Niyabo? Niyabo? Kholwani.

210 Futhi bangaki owaziyo ukuthi nginitshela iqiniso, ukuthi niyafa futhi nidinga imvuselelo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Yiqiniso.

211 Ningabantu abakahle. Ungeke uthole abangcono. Azikho izinhliziyi ezingcono ezishayayo, kunangaphansi kwalamayembe amadala angaseNingizimu ezansi lapha. Kunjalo, abantu bangempela! Kodwa, bafo, kungcono

niphaphame, ngokukhulu ukushesha! [UMfowethu Branham ugqula phezu kwepulpiti—Umhl.] Ngehora eningalicabangiyo, kungahle kwenzeke. Kungahle kungenzeki; angazi.

²¹² Kodwa, khumbulani, nithola isixwayiso senu sokugcina, ngakho balekani nisenesikhathi sokubaleka. Wozani manje. Inqobo nje uma beza, ngizolokhu ngilindle, ngoba kungahle kube... Umphefumulo owodwa ubiza inani elingamazwe ayizinkulungwane eziyishumi. Futhi inqobo nje uma abantu besakholiseka...

²¹³ Ngingathanda ukubona lokhu kubhidlikela emvuselelweni enkulu engahlalisa onke amabandla ngapha; uma beningagqashula imehluko yenu futhi nisuse bonke lobo bugovu, futhi nemukele uMoya oNgcwele. Nizisho ukuthi niyaWukholwa. Nizisho ukuthi niyaWukholwa, futhi, uma sekufika ekutheni Uzikhombe Wona uqobo, khona—ke nizohlakazeka omunye nomunye. Kungani singajoyini izinhliziyu zethu neZwi likaNkulunkulu futhi sikholwe iQiniso na? Kuyilokho—ke. Nizoqhubeka nje nokufa, nifa, futhi niqhubeka ngqo niyongena eLawodikeya. Khona impela Akwethembisa, Lizoba ngaleyondlela. Ningeze manje na? Manje wusuku. Manje yisikhathi esivunyiwe. Bhekisisani ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenzani.

²¹⁴ Manje ngifuna bonke abefundisi lapha, okhathalele lababantu, eze akhuleke nami, naye. Khuphukelani lapha, nonke befundisi okhathalele lababantu. Wozani, wozani nje nizungeze ngqo, futhi ningene phakathi kwabantu, umfundisi noma isisebenzi esiqondene, isisebenzi esilungile esiqondene, abesifazane abangathanda ukuma nalaba besifazane manje. Ngizokholwa, ngayo yonke inhliziyu yami, ukuthi uMoya oNgcwele uzongena kulendawo khona lapha manje futhi nje uzikhombe Wona uqobo konke phakathi kwalabantu.

²¹⁵ Manje ake ngiyale lababantu lapha, kuqala. Manje, bangani, noma ngabe nize mayelana nani lapha, Uyazi. Futhi ngingakufakazisa kini, Uzothatha, ngamunye ngamunye, unikhuphulele lapha kulomsamo, futhi akuzukubakhona neyodwa into Angezukuyazisa. Manje lokho sekube lokhu kusukela ngisengumfanyana. Lesosiphiwo asikho ekubuzweni. Kodwa umbuzo ungukuthi, ningasemukela na? Niyasikholwa na? Manje Ulapha. Awu, uma Elapha, manje—ke kunento eyodwa kuphela, Uyaligcina iZwi laKhe. Manje—ke kholwani ukuthi niyakwemukela, futhi nikuvume, futhi nisukume bese nithi, “Nkosi Nkulunkulu, ngilapha ukuba ngikuvume,” futhi nje ngihlale lapho kuze kwenzeke.

²¹⁶ NjengoBhuti Robinson wake washo, ensimini yombila. Wathi, “Nkosi, uma Ungangiphi uMoya oNgcwele, uma Usubuya Uyothola inqwaba yamathambo ilele khona lapha.”

Wayezimisele ngempela ngempela. Futhi awuzukuthola lutho kuNkulunkulu uze uthole ukushisekela ngokwenele.

²¹⁷ Manje, nikuqaphelile ukudla okusanhlamvu kwanamhlanje, nikuqaphelile namhlanje esikwenzayo na? Thina, empeleni, sinoNkulunkulu owenele ngathi kuze kube lapho esinyukela khona emsamo, sithi, “Yebo, mhlawumbe kungcono ngenyuke.” Manje lesi yisehlakalo somhlaba jikelele. “Yebo, kungcono ngenyuke futhi ngime.” Ngithi, “Awu, awu, angazi. Ngilapha, uyabo.” Mm! Indawo enje pho ukuba kuyo! Akukho-mlilo ovuthayo. Akukho-mdlandla. Akukho u “kuyongena kuKho!” Futhi, njengomvangeli, lokho nje kuyangibulala ukubona abantu bakaNkulunkulu bekulesosimo. Sifanele ukuvutha.

²¹⁸ Kodwa, niyabo, kuyini na? Kuyilokho impela enginitshela khona. ISambulo 3, “Usivivi. Futhi,” Wathi, “ngoba usivivi, manje-ke Ngiyakukuhlanza uphume emlonyeni waMi.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yilokho Akusho. Futhi, uma Asho lokho, yilokho Azokwenza. Ngakho masingabi yilesosixuku.

²¹⁹ Nilapha, nidinga. AsiWuthole, noma sife, khona lapha. Kunjalo. AsiWuthole noma sife.

²²⁰ Manje, mfowethu othandekayo, dade, ukuba bengingehla futhi nginise ngenze okuthize, impela bengingakwenza. Manje, ngesiphiwo, nginganitshela ukuthi nize ngani lapha. Nginganitshela ukuthi kuyini, ngoMoya oNgcwele, ngoMoya kaNkulunkulu, nginitshela ukuthi nize mayelana nani, ukuthi nenzeni, ukuthi iyoba yini inkathi ezayo, noma into efana naleyo; kodwa lokho akukunakekeli. Ufanele wemukele Lokhu, qobo lwakho. Kufanele kube nguwe!


²²¹ Manje Usulungele na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Sengilungele. Sengilungele ukufela khona lapha.” Manje ungakwenzi ngaphandle uma ukusho ngempela. “Sengilungele ukufela khona lapha, noma ngithole lokho engikufuna kuNkulunkulu.” Amen. Senilungele ngempela na? [Ibandla liyajabula futhi lithi, “Amen.”—Umhl.]

²²² Manje makuthi izithameli zisukume, ndawo zonke. Manje sindawonye, sindawonye, asizihlanganise thina sindawonye. Asikhuleke. Futhi nje asi . . . Nina befundisi manje yenyukelani kulababantu lapha, nonke, futhi nimele izandla zikaKristu manje.

²²³ Wena ofuna uMoya oNgcwele, wena ofuna lesi sehlakalo, hhayi ukuxhuxhuma kwamadlingozi; ufuna uMoya oNgcwele, ukuPhila, imbewana yokuPhila ngaphakathi kuwe. Futhi ufuna ukususa lesosifo sokukhohlwa esikwenza u—ungakwazi ukuzidela; awazi lapho omi khona; awazi ukuthi uyini; asikususe khona manje! KunokuZalwa okusha lapha kwakho, okwangempela, ukuZalwa okusha kwangoqobo.

²²⁴ Manje asibeke izandla zethu phezu kwalababantu. Asithi, sonke, siphakamise izandla zethu futhi sikhuleke ngakuvumelana kunye.

²²⁵ Baba waseZulwini, eGameni leNkosi uJesu, siphe khona, Nkosi, ukuthi eGameni likaJesu Kristu, ukuthi uMoya oNgcwele uzoza kulobubusuku, ngalobubusuku bangoMgqibelo, lapho uMoya oNgcwele wehla njengokuvunguza komoya onamandla. Kwangathi lababantu bangabhaphathizelwa kuMoya oNgcwele. Kwangathi uMlilo naMandla kaNkulunkulu kungebashiye. Uma belapha ekuseni, kwangathi bangahlala, bahlale uMoya oNgcwele uze ufike.

²²⁶ Yilowo umqondo! Yilokho-ke! NaNko. Lowo nguMoya oNgcwele uza. [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye esasuka epulpiti, “Sengikwenzile. Sengiqedile.”—Umdl.] Lokho yi...Ukholweni manje! Wemukeleni! Gwaliswani ngowaKhe...[Ibandla liyaqhubeka likhuleka futhi liyajabula.] 

ISIFO SOKUKHOHLWA SOKOMOYA ZUL64-0411
(Spiritual Amnesia)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoMgqibelo kusihlwa, ngo Apreli 11, ngo 1964, eNational Guard Armory, eBirmingham, eAlabama, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org